UJesu Kristu NguYena Izolo, Namuhla, NaPhakade

Ngijabula kakhulu ukubuyela ezansi kuleTennessee emangalisayo futhi. Amanzi amaningi ehlele emfuleni selokhu kwaba yisikhathi sokugcina ngilapha, kodwa bengiwukhumbula isikhathi eside lowomhlangano. Ngimi lapha emsamo, futhi nokho abantu beza kimi izikhathi eziningi ukuba bakhulekelwe, futhi bebeyothi kimi, "Mfowethu Branham, ngaphulukiswa entweni *ethize-thize* ngenkathi useChattanooga." Ngakho yimiphumela ehlala isikhathi eside.

2 Kulowomhlangano ofanayo kwaphuma abashumayeli abaningana, bebezongibona, ukuthi, abafo abasebasha abasanda kubamba umbono nje, futhi baphandle ensimini kulobubusuku, belwela uMbuso kaNkulunkulu. Lapho ubona indoda, umfo osemusha, noma umhlangano, ngingahle ngikusho kanjalo, lokho kuzoveza umshumayeli, lokho kuzoveza imiphefumulo eMbusweni kaNkulunkulu. Ngakho siyajabula ngomhlangano wokugcina.

3 Futhi sikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzophinda kabili leyongxenye ngalesisikhathi futhi asinike umhlangano omkhulu, hhayi ngenxa yokuthi uMfowethu Vayle nami sisezansi lapha, kodwa ngenxa yokuthi sikholwa ukuthi siphila eduze impela ekuFikeni kwesibili kweNkosi yethu.

4 Yena ethanda kuleliviki, emva kokuba sesithe ukuzinza, nesakhiwo siqala ukungenisa abantu, uma beza, sifuna ukukhuluma ngezinye zalezozindaba ebusuku, zokuFika kwesibili kweNkosi nezibonakaliso zesikhathi.

5 Ngikholwa ukuthi ngeZwi likaNkulunkulu, a—angiboni neyodwa into esele ebiyovimba ukufika kweNkosi uJesu kulobubusuku. Manje, lokho kuzwakala kuyindida, kodwa kuyiqiniso, zonke iziprofetho eziphathelene nokuFika kwaKhe kwesibili, ngokwazi kwami, sekuvele kugcwalisekile, kulindele ukuFika kwaKhe. Ngakho hlobo luni lwabantu esifanele sibe yilo na? Abaqaphele futhi belungele noma ngamuphi umzuzu ukubonakala kwaKhe.

6 Futhi masihlale kulomhlangano, masenze lokhu kube sengathi nje lona kungahle kube ngumhlangano wokugcina, imvuselelo yokugcina eyoke ibe khona eChattanooga, eTennessee.

7 Benazi yini ukuthi bekungeke kube nzima kulobu busuku ukuba kube ubusuku bokugcina ukuthi iTennessee ike ime ebalazweni na? Ibingaba yimpuqumpuqu ngaphambi kokusa,

futhi ingalokothi . . . bekungebe nalutho olushaqisayo ngakho, akungaphezu kokuhamba kwayo, yiqiniso; noma umhlaba wonke ubungaba yimpuqumpuqu ekuseni nje. Isikhali sisezandleni zabantu abayizoni, noNkulunkulu wabikezela ukuthi kuyokwenziwa, okusele, sifanele siziphaphamise thina.

8 Futhi ngifuna ngamunye wenu bantu abangamaKristu ukwethembisa uNkulunkulu kulobubusuku ukuthi nizowukhulekela njalo njalo lomhlangano. Uma uzobiza ukuzila ukudla futhi ukhuleke, asikhuleke ukuthi uNkulunkulu uzothola inkazimulo kulomhlangano, futhi anikeze ubizo . . .

9 Kunabantu *abaningi kakhulu* nje ozosindiswa, lokho kungenkathi uMzimba kaKristu usuqediwe. Akuzukuba ngumzimba oyinqaba, akusoze kwabakhona omunye umuntu ongaphezulu ongeziwe. Lapho lowomuntu wokugcina engena eMbusweni, iminyango isivaliwe, niyabo, ngeke isabakhona indawo emva kwalokho. "Ngokuba labo Ayebazi ngaphambili, Ubabizile; labo Ababizile, Ubalungisisile; labo Abalungisisile, Ubakhazimulisile." Niyabo? Lokho uNkulunkulu ayekwazi ngaphambili ngokwaziphambili Uyakubiza, futhi lapho owokugcina ebizwa, lokho kuzokuxazulula. O, kungahle kube kulobubusuku! Kuyoba yisikhathi esibi kakhulu kumngani oyisoni, kuyoba yisikhathi esihle kakhulu kumKristu. Futhi sethemba kuNkulunkulu ukuba asisize.

10 Manje ngingathanda ukufunda okunye kweZwi. Ubusuku ngabunye, ngiyathanda ukufunda iZwi, ngisho nasemva kokuba uMfowethu Vayle ese—esekhulumile, ngithanda ukufunda futhi ngikhulume kancanyana nje, ikakhulukazi kulobubusuku bokuqala, ngoba kukhona izihambi, mhlampe, phakathi kwethu ongakaze abe kunoma yimuphi wemihlangano yethu, futhi singathanda ukubachazela ukuthi kungani sinemihlangano nokuthi inhloso iyini.

11 Ngingathanda nje ukwazi macala onke ezethamelini, ndawo zonke, bangaki lapha ongakaze abe komunye wemihlangano yethu na? Ake sibone izandla zenu ziphakama, ongakaze abe komunye wemihlangano yethu. Awu, siyabonga kuNkulunkulu ngani, futhi namukeleke kakhulu ukuba nibuye.

12 Futhi manje, si . . . Isizathu sokuba ngishumayele iVangeli yingoba kwakuwubizo lukaNkulunkulu. UPawulu wathi eBhayibhelini, "Angibanga ngongawulaleliyo umbono waseZulwini." Ngakho-ke wonke umfundisi, noma ngabe uyiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal, noma angaba yini, unobizo lukaNkulunkulu futhi ufanele alalele lolobizo, ngisho noma kuphambene nalokho abanye abayokukholwa; ufanele ulalele, noma kanjani, ngoba wubizo lukaNkulunkulu, ukuphefumulelwa okuvela kuNkulunkulu. Futhi ngiyayihlonipha indoda, nakuba ngingahle ngiphikisane nayo ngokomBhalo, kodwa uma izohlonipha futhi ihloniphe

ngokuzithoba obizweni lukaNkulunkulu, indoda ifanele ihlonishwe, noma yiyiphi indoda eyohlala obizweni lwayo.

13 Manje, izikhathi eziningi imihlangano ibhekiselwa kukho izikhathi eziningi njengezinkonzo zokuphulukisa nje. Ukuphulukisa akusiyo inkonzo, ukuphulukisa nje yi—yisicupho esisetshenziselwa ukubamba isoni. Kufana nokuyodoba nje, uhlala lapha emfuleni, awuyikhombisi neze inhlanzi ihhuku, uyikhombisa isicupho, ibamba isicupho bese ithola ihhuku. Kunjalo, mfowethu na? Ngakho yilokho esizama ukukwenza. Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuphela ku . . . kusekubuyisaneni, yiZwi likaNkulunkulu, futhi siyakukholwa lokho, sifundisa lokho, futhi siyazi ukuthi kunjalo.

14 Futhi siyibonile iNkosi, emhlabeni jikelele manje . . . Selokhu ngibe lapha, iNkosi ingithathe yangiyisa emhlabeni jikelele, futhi ngibone eminye yemihlangano emikhulu kunayo yonke esengake ngayibona noma ngayifunda ngeNkosi yethu iyenza.

15 EThekwini, eNingizimu Afrika, maduze nje, ngaba nomhlangano lapho, futhi emva kokuba iNkosi seyenze isimangaliso emsamo, isimangaliso sokubona okufihlakele, kwakukhona abahedeni abaluhlaza cwe abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu beza eNkosini uJesu Kristu ekubizeleni e-altare okukodwa, izinkulungwane ezingamashumi amathathu; kusondele impela kuhhafu wabantu balelidolobha. Futhi labo babe . . . Lowo kwakungesuye umuntu othize, abahlubuki nje ababuyayo, lowo kwakungabomdabu boblankethe ababengasazi isandla sokudla kwesokunxele. Baphula izithixo zabo emhlabathini, futhi baphawula izinkulungwane ezingamashumi amathathu zabo ngokubizela e-altare okukodwa.

16 EBombay, eNdiya, maduze nje, yayingekho indlela yokubona . . . Asikwazanga ukuthola amabandla ukuba abambisane, ngenxa yobambiswano esangena ngaphansi kwalo, elinye ibandla, namanye amabandla ayebagxeka, nalokho kwaqala onke amanye agxeke leliqembu, kodwa abantu bayeza, noma kanjani.

17 Kuyinto edabukisayo kakhulu. Uma singathola abefundisi ukuba babambisane ukuze i—indoda lapho isiphendukile, ingaba nebandla lasekhaya engaya kulo, uma uyibuyisela emuva phandle e—esibuyeni sikadeveli, khona-ke izobuya futhi njengoba yayinjalo nje, kodwa uma unendawo ongayiqondisa kuyo, enhle . . . njengoJesu nomSamariya, wamyisa endlini yezihambi, Wathi umSamariya olungileyo ethatha i—indoda ewayo endlini yezihambi, lokho ngukuthi . . . sifanele sibe nendawo enjalo.

18 Futhi ngakho, ibandla elincane elalisixhasa lalingakwenele ukunakekela indawo lapho okwakulinganiselwa khona

ukuthi ngesikhathi silapho, izinsuku ezintathu, ukuthi cishe izinkulungwane ezingamakhulu amahlanu zazikhona, futhi, o, bengingeke nje ngazi ukuthi mangaki amashumi ezinkulungwane zabakaMohamede, nakho konke, ezeza kuKristu, kungekho-ndlela nhlobo yokukunakekela, ngakho ungazibonela ukuthi isimo esinjani esavuka kulokho.

19 Ngijabula kakhulu ukubona leliqembu elihle labefundisi emsamo lapha kulobubusuku ukuthi uma imiphefumulo isindiswa, uyazi ukuthi kuphi...ukuthi yini abangayenza, bangakuthatha, futhi bakulethe ebandleni labo, futhi bakufundise indlela yeNkosi ngokucace kakhulu. Futhi ngiyajabula ukuba lapha nalesisigejane esihle sabesilisa nabesifazane osemva kwami lapha ukuba angikhulekele ngenkathi ngisakhonzisa.

20 Manje, njengomshumayeli, angisuye umshumayeli kakhulu kangako, kodwa iNkosi inikeze isiphiwo, isiphiwo sikaNkulunkulu. Okungukuthi emiBhalweni siyafundiswa ukuthi iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka, lokho yiziphiwo zebandla, hhayi i—iziphiwo ebandleni lendawo esizozikhulekela, njengakwabaseKorinte bokuQala 12. Kodwa kuneziphiwo ezinhlanu ezikhonzisayo ezi—ezingukwaziphambili kukaNkulunkulu, futhi esokuqala kwalezo ngabaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abavangeli, nabelusi, lezo yiziphiwo ezithunyelwe nguNkulunkulu ebandleni.

21 Abaphostoli noma izithunywa zenkolo, sibabiza nge*zithunywa zenkolo* namhlanje, ngosuku lwasekuqaleni bababiza ngo*mphostoli*. Manje, noma ubani uyazi—uyazi ukuthi igama elithi *umphostoli* lisho ukuthi, “othunyiwe,” negama elithi *isithunywa senkolo* lisho ukuthi, “othunyiwe,” ngakho kokubili kuyinto efanayo. Izithunywa zenkolo, abaprofethi, abafundisi, abavangeli, abelusi.

22 Khona-ke kuwo onke amabandla endawo kuneziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye ezifanele zisebenze kulelobandla uma bengenhle, inhlangano yebandla elikhulekayo. Bese kuthi-ke umelusi okufanele abe yinhloko yebandla ngokuhlakanipha kukaNkulunkulu ukuba nalelobandla libekwe ngokuhlelekile ukuze kungabi bikho ubuhlanya, kungabi bikho lutho olwenzekayo ngokungesikho, yonke nje into ifakazelwe ngokumsulwa uMoya kaMoya oNgcwele usebenza phakathi kwabantu, khona-ke unebandla langempela eliyibandla eliyisibonelo kuzo zonke izifunda ezizungezile. Kunjenge—ngesidleke lapho izinyosi ziza khona, ibandla elithandekayo.

23 Futhi ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzobusisa ngayinye yalamadoda lapha futhi awanike, uma engakakutholi vele,

lolohlobo lwebandla ekupheleni kwenkonzo. UNkulunkulu anibusise.

24 Manje, asizisho ukuthi singabaphulukisi, kwangathi wonke umuntu angakwazi lokho, angikaze ngiphulukise muntu empilweni yami. Futhi ngibe qotho kini, angikholwa ukuthi noma ubani omunye wake wakwenza. Uma bakwenza, udokotela, noma isibhedlela, noma umfundisi, uma eke waphulukisa, khona-ke uNkulunkulu washo into ethize eZwini laKhe eyiphutha, amaHubo 103:3, Wathi, "NgiyiNkosi Ephulukisa zonke izifo zakho," zonke izifo zakho.

25 Wena uthi, "Mfowethu Branham, awukholwa ukuthi odokotela bayaphulukisa na?"

Angikaze ngizwe noyedwa esho empilweni yami ukuthi waphulukisa. Ngike ngaba nengxoxiswano kwaMayo, nabaningi bezindawo ezinhle ezinkulu, futhi angikaze ngizwe udokotela ethi waphulukisa, akaphulukisi.

26 Ukuba-ke wephuke ingalo yakho, waphuma, wawusuthi, "Dokotela, phulukisa ingalo yami ngokushesha impela, ngifuna ukuqhuba umsebenzi wami"?

Ubeyothi, "Udinga ukuphulukiswa kwengqondo ukubuza umbuzo onjalo." Kunjalo.

27 Udokotela angayihlela ingalo yakho, kodwa akayiphulukisi. Uma une-aphendiksi udokotela angayisusa i-aphendiksi, kodwa akayiphulukisi. Ukuphulukisa kunguku—kungukudala isicubu. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Futhi munye kuphela uMdali, lowo nguNkulunkulu.

28 Udeveli akasuye umdali, udeveli uphendukezela lokho okudaliwe, kodwa akasuye umdali, uma wayenguye, ubeyolingana noNkulunkulu, ubengazenzela izwe. Kodwa uNkulunkulu nguyena kuphela uMdali, nodeveli uphendukezela lokho uNkulunkulu akudalile.

29 Bese kuthi-ke ekuguleni, izifo, sibonga kakhulu ngezibhedlela zethu nodokotela bethu, nomsebenzi omkhulu abawenzayo njengoba betadisha lomzimba, futhi bazi ukuthi inikezwa kanjani imithi ehlukene ukufaka uphoyizeni amagciwane ehlukene, siyabonga ngalokho, kodwa udokotela akaphulukisi.

30 Kungahle kushiwo, "Manje-ke, Mfowethu Branham, kuthiwani ngomjovo kazifozonke na? Uma unenyumoniya, nodokotela ukunika umjovo kazifozonke, ngabe lokho kuyakuphulukisa na?"

Qhabo, mnumzane. Udokotela ngeke akutshele ukuthi lokho kukuphulukisile, udokotela uthi ukunika umjovo kazifozonke ukuba ubulale igciwane.

31 Manje, kufana nje nokuthi uma ubunamagundane amaningi endlini yakho, futhi ebedla izimbobo kuyo, futhi ukhipha

ushevu wamagundane futhi ubulala amagundane, lokho akuzipheshi izimbobo, kubulala amagundane nje. Ngakho uyilokho-ke umjovo kazifozonke, ubulala igciwane nje, uNkulunkulu uphulukisa a—amangqamuzana adilizelwe phansi, uNkulunkulu uyawakha abuye. Sikubiza ngemvelo. Imvelo, yini imvelo na? UNkulunkulu usemvelweni, okwenza imvelo isebenze ngokwentando yaKhe yobuNkulunkulu.

32 UMfowethu Vayle ushumayela ngalezizinto, ngiyacabanga, ngiyazi uyakushumayela, futhi uthisha omkhulu; intambama ngayinye woza ukuzomuzwa, ngoba kwakhelwe inkonzo. Futhi uyoba ne—nendlela ye. . . Akusiyo into njengokuthinta isigxobo esiqoshwe umfanekiso wesilwane esiwuphawu lwesizwe, noma into ethize encane, into ethize eyinkohliso, ngukukholwa emsebenzini osuqediwe uJesu Kristu akwenzela wona eKalvari. Akukho-muntu onamandla okuphulukisa, akukho ukuphulukisa ezandleni zanoma ubani, akukho-kuphulukisa emzimbeni kanoma ubani, ngaphandle kukaMoya oNgcwele ophakathi lapho ukuphulukisa lowomzimba. Niyabo?

33 Kodwa ukuphulukisa kufana nensindiso nje, ukuphulukisa kungukukholwa emsebenzini osuqediwe. Awusindiswanga eminyakeni eyishumi edlule, eminyakeni emibili edlule, noma iminyaka engamashumi amabili edlule, wasindiswa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, wakwemukela eminyakeni emibili edlule, eminyakeni eyishumi edlule, noma ngenkathi ukwemukela, kodwa kwa—kwaqedwa eKalvari lapho Alinyazwa khona ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaKhe *si*philisiwe thina, ukukholwa kwakho kulokho.

34 Into kuphela umfundisi angayenza khona-ke ngesiphiwo sikaNkulunkulu, isiphiwo sokuphulukisa, kuzokwenzani na? Kungukuchaza iZwi ngendlela yokuthi ubuyokholwa uKristu, khona-ke ukuphulukisa kuyenzeka. Lapho ukwemukela futhi ungakukholwa enhliziyweni yakho, hhayi ngokwengqondo, hhayi umcabango wobuhlakani, kodwa inhliziyo eyazi kanjalo ukuthi uNkulunkulu ukwenzile.

35 Ngenkathi uJesu ethi esihlahleni, "Akungadli muntu kuwe," nesihlahla sabuna phakathi kwamahora angamashumi amabili-nane, abafundi bamangala ngakho. Futhi Wathi, "Yibani nokukholwa kuNkulunkulu, ngokuba uma ubuyothi kulentaba, 'Vuswa uphonswe olwandle,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi okushoyo kuzokwenzeka, ungaba nakho okushoyo."

36 "*O*kushoyo." Manje-ke umuntu ubengayinqukula kanjani intaba na? UbuNkulunkulu kuphela obunganqukula intaba. Ngakho uma singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, khona-ke uyaphuma bese uthi, "Ntaba nqukuleka." Lokho

akusikho Akusho. Niyabo? Ubuyothi, "Ngizokukhombisa, ngingayinqukula."

37 Lokho akulungile. Uma impokophelo yakho ilungile nenjongo yakho ilungile, khona-ke akusuwe okhulumayo, ngubuNkulunkulu qobo lwaBo bukhuluma ngawe. "NgingumVini, nina ningamagatsha." Futhi lapho ungathola indlela yakho uqobo iqhele kakhulu kuwe, ukuthi akusesuwe, kodwa uKristu ekhuluma ngawe, njengalababefundisi lapho bethola ukugcotshwa nguMoya oNgcwele ukushumayela iZwi, awudingi ukuba ukhathazeke nganoma yimaphi amazwi, uMoya oNgcwele uyawaletha nje, awazi ukuthi uzothini, uMoya uyakusho nje, futhi kuqinisile njalo, manje, kungaleyondlela ngokukhuluma entabeni. Uma impokophelo yakho—yakho ilungile nenjongo yakho ilungile, akusesuwe okhulumayo, nhlobo, NguMoya kaNkulunkulu ukhuluma, futhi yilokho okunqukula intaba, hhayi wena, NguMoya kaNkulunkulu.

38 Manje ngifuna ukufunda indikimba encane ejwayelekile yomBhalo etholakala kulobubusuku kuJohane oNgcwele isahluko 12 ivesi 20:

> *Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyukele ukukhuleka emkhosini:*
>
> *Lawo-ke* khona-ke eza *kuFiliphu, waseBetsayida laseGalile,* . . . efisa *yena, ethi, Mnumzane, sithanda ukubona uJesu.*

39 Yilokho engifuna ukukusebenzisela indikimba kulobubusuku: *UJesu Kristu NguYena Izolo, Namuhla, NaPhakade*, okutholakala kumaHeberu 13:8.

40 Manje, lena yindikimba yomkhankaso wethu, nendikimba yalomkhankaso manje, ukuthi silapha phansi kwalezi . . . nalokhu kuphikisana: ukuthi uKristu unguye izolo, namuhla naphakade.

41 Futhi ngicabanga ukuthi lamaGreki ngempela azwakalisa umuzwa wawo wonke umuntu kulesisakhiwo kulobubusuku, noma wonke umuntu owake wezwa ngoJesu, isifiso sabo ngukuMbona, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Futhi wonke umuntu owake wezwa leloGama eliligugu, kukhona okuthize ngaLo okuyichazayo inhliziyo. "Sithanda ukubona uJesu." Futhi nokho siyatshelwa eBhayibhelini ukuthi lapho siMbona, ngokomzimba, ngokukhuluma ngokuphathekayo, akukho buhle ukuba siMfise.

42 Futhi nje ngiyazibuza uma lesosifiso salawomaGreki ngalolosuku, sazwakaliswa kuFiliphu waseBetsayida, uma lokho kuzwakalisa kwakukuhle ngalolosuku, ngiyamangala, uma isifiso sethu sifana, uma kunokwenzeka kithi ukuba sikwazi ukuMbona namhlanje.

43 Ngifuna ukubuza izethameli zami kulobubusuku: Bangaki abebengathanda ngempela ukubona uJesu na? Ake sibone, uma uyisoni ngisho, ngithanda nje ukubona isandla sakho. Awu, i . . . Ngiyabonga. Pho kungani singenakumbona na? Manje, uma leliZwi, eliyiZwi likaNkulunkulu, liyiqiniso elingenakuphosisa likaNkulunkulu, futhi Lizwakalisa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, uma . . . Lokho kuphakathi kokuthi yiqiniso, noma akusilo iqiniso. Uma kungesilo iqiniso, bengizoyivala iNcwadi bese ngiya ekhaya. Bekuyongisiza ngani ukuba ngime, ngishumayele into ethize, futhi nginikele impilo yami, iminyaka engamashumi amabili nesikhombisa yempilo yami manje enkonzweni, ngizama ukusho into ethize okungekho qiniso kuyo. Uma kungalungile, khona-ke akulungile; futhi uma Kulungile, khona-ke Kulungile.

44 Futhi siyezwa ukuthi kuthiwa Usenguye, khona-ke uma Esenguye, Uzofanele afane ngomgomo, amandla, isimo sokuziphatha, ngandlela zonke ukuthi Wayesenguye, akukho lutho eZwini laKhe ukuphikisana nanoma yini yakho, kodwa umzimba waKhe wenyama, Awuvusayo, noma, uNkulunkulu wawuvusa kwabafileyo, futhi uhlezi ngakwesokunene soBukhosi baKhe kulobubusuku ukwenza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu.

45 Ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, "Mina ngingumVini, nina ningamagatsha." Nomvini awutheli isithelo, igatsha lithela isithelo, umvini wenza kuphela amandla egatsha. Futhi uma uphumele ensimini ezansi lapha ekugcineni komfula wakho futhi wathola umvini wethanga, ubuyolindela lelothanga ukuba lithele amathanga; uma uthole ikhabe, lifanele lithele amakhabe; uma kungumvini wamagilebhisi, uthela amagilebhisi, ngoba ukuphila emvinini kucindezela umvini wamagilebhisi, noma, ukuphila kwamagilebhisi, noma ukuphila kwekhabe egatsheni, negatsha liveza lokho umvini okunika amandla.

46 Manje, uma sizibiza ngamaKristu, futhi siyiBandla lamaKristu, khona-ke sifanele sithele uhlobo olufanayo lwesithelo uMvini owasithelayo ngenkathi Ulapha, ngokuba Wathi, "Mina ngingumVini, nina ningamagatsha. Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini, celani enikuthandayo, niyakwenzelwa khona." Negatsha lingeke laphila ngaphandle uma lihlala emvinini. Manje, uma kungelihle, igatsha elinempilo . . . Igatsha uma lingenampilo, kukhona okusongelwe kulo, kunqamula amandla, masinya umtheni uyafika futhi unqamula lelogatsha, bese-ke liyabhujiswa.

47 Bese kuthi-ke namhlanje, emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye . . . Futhi siyafundiswa ukuthi uJesu akafile kodwa Uyaphila. Niyakukholwa lokho, ukuthi uKristu uyaphila na?

48 Manje, angehlisi isithunzi noma yimaphi amabandla ethu noma isayense yezenkolo esiyifundisayo futhi siyithande ezinhliziyweni zethu, kodwa kukhona okungalungile ndawondawo, futhi amadoda ekahle ngokwengqondo ayakwazi lokho. Manje, ngabe sikhonza nje uhlobo oluthile lwesivumokholo esifile, uhlobo oluthile lwencwadi efana neKorani, noma incwadi ngoBuda, noma amaSikh, noma amaJain, noma yiyiphi yezinkolo ezinkulu zezwe na?

49 Ngike ngama neBhayibheli esandleni esisodwa, iKoran kwesinye phambi kwamashumi ezinkulungwane zabakaMohamede nabapristi babo. UMohamede ungomkhulu kunabo bonke enkolweni ngesibalo ezweni, ungokuphindwe kabili noma kathathu usayizi yobuKristu, lokho kubandakanya neKatolika nakho konke. Kodwa ngathi, "Uma . . . Enye yalezizincwadi izofanele ibe ngeqinisile, ngeke zaba ngeziqinisile zombili, ngoba ziphambene enye kwenye."

50 Ungesabi ukubeka uKristu kwelamanqamu, ngokuba uma EnguKristu, Unguye izolo, namuhla naphakade, asidingi ukuba sesabe. Uma inceku kaKristu ifanele yesabe, kukhona okungalungile ngaleyonceku. Ngenkathi uMose ebuka *ngapha* na*ngapho* ngenkathi ebulala umGibhithe, kwakhombisa ukuthi wayengaphandle koBukhona bobuNkulunkulu bukaNkulunkulu, ngokuba inceku kaKristu ayidingeki ukuba ibuke futhi ibone.

51 Uma indoda ithe, "Ngabe ngenza kahle na? Ngabe lokho kuhle na?" noma "O, ngiyesaba ukuthi uzosho okuthize ngami . . . " Umuntu othunywe nguNkulunkulu ubheka phezulu naphambili, awudingi ukuba ukhathalele ukuthi izwe lithini ngakho, empeleni. Akalilaleli izwe, unomyalo wobuNkulunkulu ovela kuNkulunkulu futhi ejabulela loboBukhona.

52 Ngakho, Unguye izolo, namuhla, naphakade. O, ukuMbona nje!

53 Esikhathini esithile esedlule kwakukhona indaba eyaxoxwa ngendala, indoda eyikhaladi ezansi lapha eningizimu yona, ngolunye usuku ngesikhathi sobugqila, yayine . . . yasindiswa epulazini elidala icula, futhi kweyayo . . . ngokusa okulandelayo yayihamba-hamba itshela zonke izigqila ukuthi yayisindisiwe, ukuthi yayikhululekile. Nomnikazi waleliplazi wathi, "Mose, ngiyakuzwa uthi ukhululekile."

Yathi, "Yebo, basi." Yathi, "INkosi uJesu ingikhululile e—enhlawulweni yokufa nesono."

Futhi wathi, "Woza ehhovisi lami, Mose." Futhi yaya ehhovisini lakhe, wayesethi, "Ngixoxele leyondaba futhi."

Yathi, "Izolo ebusuku, besingale sidlala ibhanjo futhi sicula amaculo athile," futhi yathi, "Basi, iNkosi uJesu isindise umphefumulo wami, futhi mina ukhululekile namhlanje emthethweni wokufa."

Wathi, “Mose, uma ukusho ngempela lokho, ngiyehla namhlanje bese ngisayina isimemezelo, futhi ngikukhulule ukuze ushumayele iVangeli kubazalwane bakho.”

54 Emva kweminyaka emininginingi yokukhonza, omnyama omdala wayefa, abaningi babazalwane bakhe abamhlophe beza ukuzombona. Futhi ngenkathi becabanga ukuthi wayesehambile, wayekade elele phakathi, equlekile amahora ambalwa impela, wavuka, futhi waqalaza ekamelweni, wayesethi, “O, aniqondile ukuthi sengibuyele kulomhlaba omdala ononya futhi!”

Futhi bathi, “Yebo, Mose, uwelile na?”

Wathi, “O, ngisanda kungena emnyango.”

Bathi, “Mose, uwutholile umqhele wakho nengubo yakho ende na?”

Wathi, “Bekukhona oyedwa okhuphuka ne—nento enjalo, futhi Wathi kimi, ‘Mose, manje usungaba nomqhele wakho nengubo yakho ende.’”

Wathi, “Ungakhulumi kimi ngemiqhele nezingubo ezinde.”

Wathi, “Ufunani ngomvuzo wakho na?”

Wathi, “Ake ngiMbuke nje iminyaka eyisigidi, lokho kuzoba umvuzo owanele kimi.”

55 Futhi ngicabanga ukuthi lokho kuzwakalisa kahle indlela esizwa ngayo, “Ake ngiMbone nje futhi ngiMbuke, kuhle ngokwenele kimi.”

56 Kungani Emkhulu kangaka na? Ngihlala eMfuleni i-Ohio. Umfanyana lapha esikhathini esithile esedlule, ohlala edolobheni lapho engakhuliswa khona, wahamba wayobuza unina, wathi, “Mama, uNkulunkulu mkhulu kakhulu, ukhona ongaMbona na?”

Wathi, “Buza uthisha wakho kaSonto sikole.”

Futhi wathi, “Ngeke ngakutshela,” uthisha kaSonto sikole washo. Wathi, “Ufanele ubuze umelusi.”

Umelusi wathi, “Ngani, ndodana, impela qhabo, akekho umuntu ongabona uNkulunkulu.”

57 Futhi wayevame ukuhlala ezansi emfuleni, ngakho wenyukela emfuleni ngoluny’usuku nomdobi omdala, futhi nakho kukhuphuka isiphepho, futhi emva kokuba isiphepho sesiphelile, umdobi omdala wayegwedla isikebhe sakhe emuva ehla ngomfula, futhi waqaphela uthingo lwenkosazana esibhakabhakeni, nokuthula emva kwesiphepho, namanqomfi ayecula, nazo zonke izinyoni, nomdobi omdala uqala ukukhala izinyembezi.

58 Futhi lapho izinyembezi zigingqika ebusweni bakhe obunentshebe, umfana omncane, ehlezi ngemuva kwesikebhe, waba nomdlandla kakhulu waze wagijimela maphakathi

nesikebhe futhi waguqa phansi eceleni komdobi omdala, wayesethi, "Mnumzane, ngizokubuza umbuzo uthisha wami kaSonto sikole, kanjalo nomelusi, noma umama wami angawuphendula." Wathi, "Ukhona obengabona uNkulunkulu na?"

Futhi wadumela umfana omncane ngezingalo zakhe, futhi wamgona, futhi wathi, "S'thandwa, uNkulunkulu abusise inhliziyo yakho encane, konke engikubonile eminyakeni engamashumi amane edlule bekunguNkulunkulu."

59 Niyabo, Uzofanele abe phakathi *lapha*. Uma Esenhliziyweni, ungaMbona. Uyobuka ngeso elehlukile, hhayi iso lomgxeki, kodwa iso elibheke ukuMbona.

60 Ukulungisisa isitatimende sethu sikaKristu, onguye izolo, namuhla, naphakade, uma ngifanele ngihambe kulobubusuku kwamanye amahlelo ethu amahle njengePresbyterian, noma iMethodisti, iBaptisti, noma iChurch of God, noma amaPentecostal, kumbe noma yini, iNazarene, iPilgrim Holiness, bengiyothi kubo, "Uyakholwa ukuthi uKristu unguye izolo, namuhla, naphakade na?"

"Impela."

"Awu, ngabe Uyafana ngandlela zonke ngaphandle komzimba waKhe wenyama na?" Awu, bekuyoba nombuzo.

Bebeyothi, "Yebo, kusobala."

61 Kodwa uma uKristu efana, Uzofanele Azibonakalise njengoba Enza nje, ngokuba Wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza; emininingi kunale niyakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba. Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona," (Izwe, *kosmos*, okusho ukuthi, "uhlelo lwezwe," ongakholwayo.) "lingabe lisangibona, kodwa," lalelani lesisithembiso esikhazimulayo, "nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngi," futhi u *Ngi* yisabizwana somuntu, "Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe."

62 "*Ni*yakuNgibona." Leso yisithembiso saKhe sobuNkulunkulu.

63 Manje asibuyele emuva ukuba silungisise, futhi sibone ukuthi Ubeyini izolo, nendlela Azazisa ngayo Yena uqobo kubantu izolo, khona-ke uma Azibonakalisa Yena uqobo ngendlela ethize, khona-ke Ubophezelekile ukwenza into efanayo namhlanje, ubophezelekile eZwini laKhe. Futhi uma sikubona ngendlela Enza ngayo, uma kwakungukwakha izikole ezinkulu, uma kwakungukwakha amakholiji amakhulu, uma kwakungukwakha amasonto amakhulu, uma kwakufundisa abantu baKhe ngezibalo, na—nangokukhulunywa nokubhalwa kolimi. . . kodwa indlela Azazisa ngayo Yena uqobo izolo, futhi Usenguye namhlanje, Ubeyofanele azimemezele Yena uqobo ngendlela efanayo.

64 Manje qaphelani, ake sibone kuqala impilo yaKhe okwemizuzwana embalwa nje, ukuze sizobona. Manje khumbulani, ngaso sonke isikhathi kukhona inguquko noma inkonzo ephumayo, ingeke yemukelwa emzuzwaneni nje, Eyakhe ayibanga njalo, abaprofethi ababanga njalo, uLuther akabanga njalo, uWesley akabanga njalo, uCalvin akabanga njalo, nabaningi babanye ebesingababiza. Kodwa emva kwesikhashana, ngenkathi beqala ukubona ukuthi kungokomBhalo . . . Manje asikho esinye isisekelo ngaphandle kwalesisiSekelo: iZwi likaNkulunkulu eliPhakade.

65 Manje, eTestamenteni eLidala babenendlela yokuthola ukuthi ngabe umprofethi, noma umboni, noma umphuphi wayekhuluma iqiniso. Manje, abefundisi basesontweni lapha emva kwami bebezokwazi lokhu, mhlawumbe abanye benu bantu abangafundele lutho beningeke. Kodwa eBhayibhelini babenakho phansi kobupristi buka-Aroni okwakubizwa nge-Urimi neThumimi, kwakuyisivikelo sesifuba u-Aroni ayenaso sinezizwe eziyishumi nambili, namatshe ayishumi nambili, amatshe okuzalwa ezizwe eziyishumi nambili zakwa-Israyeli ayelenga ethempelini. Futhi uma babengabaza umprofethi, bamyise kule-Urimi neThumimi futhi bamvumela aphrofethe, noma umphuphi axoxe iphupho lakhe, akunandaba ukuthi kwakubonakala kuyikho ngempela kanjani, uma ukuKhanya okungcwele kungabanekanga phezu kwaleyo-Urimi neThumimi, bakwenqaba, kodwa uma ukuKhanya okungcwele kwabaneka phezu kwaleyo-Urimi neThumimi, khona-ke kwemukelwa, ngoba uNkulunkulu ngokungaphezu kwemvelo wayephendula ukuthi Wayekwemukelile lokho, ukuthi kwakuyiqiniso.

66 O, ngiyethemba lezizethameli ezincane kulobubusuku ziyakuqonda lokhu: ukuthi uNkulunkulu njalo Uzibonakalisa kokungaphezu kwemvelo, kodwa njalo ngokweZwi laKhe, ngokuba Ungaphezu kwemvelo. Futhi kulokho, yonke iminyaka bekungukubonakaliswa okungaphezu kwemvelo kweZwi laKhe.

67 Manje, ngenkathi ubupristi buka-Aroni sebunqamukile, leyo-Urimi neThumimi yasuswa. Kodwa uNkulunkulu unenye i-Urimi neThumimi namhlanje, naleyo yiZwi laKhe. Futhi uma umphuphi ephupha iphupho, noma umprofethi eprofetha, futhi kungahambisani neZwi, kuyiphutha, makubonakale kukuhle kakhulu, kuyiphutha, kufanele kube ngu ISHO KANJE INKOSI ovela emiBhalweni, ngokuba leso yisiSekelo.

68 Manje, kungahle kungabi ngu ISHO KANJE INKOSI ngokwesayense yakho yezenkolo. Ngenkathi uJesu efika, nabaFarisi nabaSadusi, abafundisi abakhulu, baMlahla ngecala khona lapho futhi bathi Wayengudeveli. Wayephambene nesayense yabo yezenkolo, kodwa Wayeqondile nemiBhalo,

futhi siyakwazi lokho; futhi kuyafana namhlanje, kuhlala kufana njalo.

69 Manje asithole ukuthi Wayeyini. Asiqale kulobubusuku eNcwadini engifunde kuyo, uJohane oNgcwele, asiqale esahlukweni 1. Manje, lapho seniya ekhaya kuleliviki, nitadishe lokhu lapho engizocaphuna khona, nina, khona manje, ngoba isikhathi ngeke singivumele ngikufunde konke kulena elandelayo cishe imizuzu eyishumi.

70 Qaphelani, ngenkathi uJesu wayelapha, futhi, emhlabeni emva kokuba Esemukele uBaba kuYe uqobo . . . Ngokuba sikholwa ngeqiniso, futhi ngineqiniso ukuthi nina bantu baseningizimu lapha niyakholwa ukuthi uNkulunkulu wayekuKristu, ebuyisana nezwe kuYe uqobo, ukuthi WayengonobuNkulunkulu.

71 Inenekazi esikhathini esithile esedlule lathi kimi, "Wayengumprofethi nje." Awu, ukuba Wayengumprofethi nje, sonke silahlekile. WayengonobuNkulunkulu, uNkulunkulu ebonakaliswe enyameni, ngokoqobo, engasilele ngalutho kunoJehova ehlala emzimbeni, iNdodana yaKhe uQobo, ukuthi ngentando yaKhe uQobo enkulu Wadala itabernakele, umzimba, ozalwa yintombi, Ayehlala kuwo, futhi Wazizwakalisa ezweni ngalowomzimba.

72 Manje, siyaMthola, kwathi nje uNkulunkulu angafika phezu kwaKhe, Wagcotshwa, waya ehlane, futhi waphuma emva kwezinsuku ezingamashumi amane, futhi wamehlula uSathane ngeZwi likaNkulunkulu. Wenzani na? Waletha noma yisiphi isithembiso sobuNkulunkulu ekufinyeleleni ku—kumaKristu abuthakathaka kunabo bonke. Uma WayenguNkulunkulu, kungani Avumela uSathane athi, "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yenza isimangaliso lapha futhi ungikhombise ukuthi ungakwenza, phendula lamatshe abe yisinkwa futhi udle"?

73 Wathi, "Kulotshiwe, 'Umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa.'"

74 Ngakho-ke njengoba uSathane njalo ezama ukumboza iZwi, wabuyela emuva futhi waMtshela ngenkathi eMbeka esiqongweni sethempeli . . . Wayesesho futhi, "Kulotshiwe!" Futhi Wamehlula uSathane eZwini likaNkulunkulu, lokho kukhombisa ukuthi ungamehlula uSathane eZwini likaNkulunkulu. Akunandaba, iZwi likaNkulunkulu lizomehlula uSathane noma iyiphi indawo, noma kuphi, phansi kwanoma yiziphi izimo. Uma kusesiswini somkhomo, noma uma kusemphandwini wezingonyama, uma kusembhedeni nomdlavuza, noma uma kungukuthi ulele ngaleya wophela ukufa engozini yemoto, iZwi likaNkulunkulu lizomehlula uSathane noma kuphi, nomKristu obuthakathaka kunabo bonke

angaLisebenzisa, Liyinhlanhla yakho oyiphiwe nguNkulunkulu ukukwenza.

75 Qaphelani, kwakukhona indoda, umdobi omdala, owafika kuYe ogama linguSimoni Petru, igama lakhe ngaleyonkathi lalinguSimoni. Futhi ngenkathi efika, into exakile ngakho, uJesu izolo, Wayazi ukuthi wayengubani, futhi Wamtshela ukuthi igama lakhe lalingubani, uJohane oNgcwele isahluko 1, wathi, "Wena unguSimoni, negama likayihlo nguJonase."

76 Ucabanga ukuthi lowomdobi omdala efake lelophinifa elinogrisi ngenkathi uJesu, uMuntu owayengakaze ambone, wamtshela ukuthi igama lakhe lalingubani nokuthi igama likayise lalingubani na? Lokho kwakuthi ukuxaka. Wathi, "Manje Ngizokunika elinye igama, Ngizokubiza ngoPetru," okungukuthi ngokuhunyushwa, itshe elincane. Lowo kwakunguJesu izolo, Ezibonakalisa eBandleni laKhe.

77 Khona lapho kwakukhona indoda egama linguFiliphu, esifunda ngaye kulobubusuku, wayengowasemzini kaPetru no-Andreya, umfowabo, futhi uyazi ngendoda elungileyo eqotho, ihlala ngasentabeni, amamayela angamashumi amathathu ukusuka lapho uJesu ayekhona, futhi uyahambahamba ukuyoyilanda. Futhi lapho eyithola, iphansi kwesihlahla, ikhuleka, futhi yena, njengomnumzane ohloniphekile, ulinda aze aqede ukukhuleka. Futhi lapho isiqedile ukukhuleka, ekugcineni, yasukuma, wayesethi, "Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa."

78 Nalendoda, uNathanayeli kwakuyigama layo, engowokuqina impela, umfo okahle kakhulu, kodwa wayengazi lutho kodwa nje umthetho kaMose nokufundisa kwebandla lakhe loMthetho, wathi, "Manje, umzuzu nje! Kungaba khona okuhle okuvela eNazaretha na? Kukhona okungavela kulesosigejane sabantu ezansi lapho na?" Esimpofu, isigejane esingafundile salokho ebesiyokubiza namhlanje, ngabezinga eliphansi, noma okuthize. "Bekungaba khona okuhle okuvela eNazaretha na?"

79 NoFiliphu umnika impendulo ezedlula zonke noma yimuphi umuntu ayengayinikeza omunye, wathi, "Woza ubone." Leyo yindlela ezedlula zonke. Ungahlali ekhaya futhi ukugxeke, woza, uzitholele wena. Ungakukholwa okwashiwo ngomunye umuntu, hamba uhlale uze uneliseke.

80 Futhi endleleni ngokuzungeza, akungabazeki ebufakazini babo, njengoba uNathanayeli wayenikeza u, noma, uFiliphu enika uNathanayeli, wamtshela, mhlampe, ngalokho uPetru ayekade ekhuphukile, futhi Wayemtshelile igama lakhe, noma wathi, "Uyamkhumbula lowomdobi omdala ezansi emfuleni na?"

"Yebo."

"Ngani, Wamtshela ukuthi wayengubani, ukuthi uyise wayengubani, ngenkathi efika lapho."

"O," sengathi ngiyabona nje uNathanayeli wathi, "manje, umzuzu nje, Filiphu, mhlawumbe uchezukele ekugcineni okujulile. Ufanele ukuthi ujoyinana nabanye abagingqiki abangcwele, noma okuthize. Yini engahambanga kahle ngawe, Filiphu na? Wena nami sasivame ukuhlala esinagogeni elifanayo, sikhonze ndawonye, ukuthi sicule kanjani amahubo kaDavide, nokuthi simkhonze kanjani uJehova, futhi nakhu ufika ungitshela ngento enjengaleyo!"

"Awu, woza nje futhi uthole." Futhi basho bazungeza igquma, cishe uhambo losuku.

81 Futhi ngenkathi benyuka . . . Khumbulani, lona kwakungabantu abangamaJuda. Futhi ngenkathi engena eBukhoneni bukaJesu, o, mhlampe angahle ukuba wayephandle ezethamelini, noma mhlawumbe wayesemgqeni womkhuleko, angazi, kodwa ngenkathi engena eBukhoneni bukaJesu okokuqala, uJesu waphenduka futhi wambuka, futhi lalelani ukuthi Wathini: "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!" Manje, onke amadoda ayegqoka ngokufanayo, wayengaba ngumGreki, futhi wayengaba isela, wayengaba ngumuntu ongalungile, kodwa uJesu, ekumboneni kwaKhe kokuqala, wathi, "UngumIsrayeli, futhi ungolungile nothembekile, indoda eneqiniso."

Kwayimangaza indoda, futhi yathi, "Rabi, Ungaze nini na? Ngani, Awukaze ungibone," ngamany'amazwi, "yonke impilo yaKho, futhi angikaze ngiKubone. Futhi ngivela emamayeleni angamashumi amathathu ngapha kwenye indawo, Awukaze ngisho ube kulelozwe, futhi Ubuyongazi kanjani na?"

Futhi niyazi ukuthi Wathini na? "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona." Amehlo anje pho! Amamayela angamashumi amathathu ukuzungeza intaba.

82 Wathini lomJuda na? Waqondani kanjalo ngenkathi uJesu eveza lokho phambi kwakhe na? Wathi, "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli." Yilokho iJuda elakusho ngenkathi likubona.

83 Manje wathini umJuda ongakholwayo na? Babemi eduze, futhi bathi, "Lomuntu ungumbhuli, udeveli, uBelzabule." Kwakungubani lowo na? Abangakholelwa kuNkulunkulu na? Amalunga ebandla, izifundiswa ezinkulu ezivela ezikoleni ezedlula zonke izwe elake laba nazo, izikole ezedlula zonke zesayense yezenkolo.

84 "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu," kwasho umuntu, okwenziwa isimangaliso kuye.

85 NeJuda elingakholwayo lathi, "UnguBelzabule, udeveli, wenza lokho njengombhuli."

86 NoJesu waphendukela kuye wayesesho lokhu, waphendukela kubo kuqala, Wayesethi, "Ungakusho lokho ngokumelene naMi, iNdodana yomuntu, Ngizokuthethelela ngakho." Futhi ngifuna niqaphele, abazange bakusho ngokuzwakalayo, bakusho enhliziyweni yabo, noJesu wakubona ukucabanga kwabo, wathi, "Nisho lokho ngokumelana neNdodana yomuntu, niyakuthethelelwa khona; kodwa nxa uMoya oNgcwele esefikile," ngenye indlela, "ukwenza into efanayo, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo."

87 Kube yinto enzima kakhulu lapho Ezibonakalisa Yena uqobo ngoMoya oNgcwele ngendlela efanayo, bekungeke na? "Ngizonithethelela, kodwa nxa uMoya oNgcwele efika ukuzokwenza into efanayo, izwi elilodwa nje elimelene naWo, umcabango, ingqondo, noma ngayiphi indlela, alisoze lathethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo." Futhi umBhalo uyahamba uthi, "Ngoba babiza uMoya kaNkulunkulu kuYe owayenza lokhu ngombhuli noma uBelzabule, umoya ongcolile."

88 Manje, yileyondlela Enza ngayo amaJuda azi. Owangempela, umJuda weqiniso owazalwayo, nokwaziphambili kukaNkulunkulu ukuba asindiswe, wakuqonda, ngoba uNkulunkulu wayenaYe. Futhi wakuqonda ngokushesha, wayesethi, "YiNdodana kaNkulunkulu."

89 Manje, olandelayo Akwazisa kuye lokho kwakungamaSamariya. Manje khumbulani, Wathi, "Ningakwenzi kwabeZizwe." Watshela abafundi baKhe, "Ningayi kunoma yibaphi abeZizwe," uMathewu 10, "banosuku lwabo oluzayo. Kodwa hambani, njalo, niye ezimvini ezilahlekileyo zakwa-Israyeli."

90 Kodwa ngenkathi Efika eSamariya, futhi Wahlala phansi emthonjeni, nentombi iyaphuma, yayingowesifazane njengoba sikholwa lapha ukuthi ingowesifazane onegama elibi, owesifazane omubi esitaladini. Futhi weza ukuzokha amanzi, futhi waqala ukwehlisa imbiza emthonjeni. Cishe kwakusemini, Wayethumele abafundi baKhe ukuba bayothola umphako. Futhi ngenkathi ehlisa imbiza ukuba akhe amanzi, wabona iNdoda ephakathi nendima yempilo. Wayenamashumi amathathu kuphela, kodwa umBhalo uthi Wayebukeka enamashumi amahlanu, kodwa umsebenzi waKhe mhlawumbe wawukwenzile lokho. Futhi Wayehlezi, encike emuva odongeni, entweni encane ebonakala ngasikhathi sinye njengale enemivini phezu kwayo lapho umthombo ukhona, uma wake waba lapho ukuba uwubuke. Nalona wesifazane, ngenkathi ehlisa imbiza ukuba akhe amanzi, uJesu wathi kuye, "Sifazane, Ngiphuzise futhi uze lapha."

Wathi, "Kunomthetho wokwehlukana lapha, akusilo isiko kini ukuba, maJuda, ukuba nibe nanoma yikuphi ukudlelana

nathi maSamariya, asinalutho esihlanganyela kulo."

Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi."

91 Ingxoxo yaqhubeka. Wayenzani na? Manje khumbulani, Wayesendleleni yaKhe eya eJeriko, okungukuthi iqondile usuka eJerusalema wehlela esigodini, kodwa iSamariya lisemuva phezulu ngasentabeni. Kodwa iBhayibheli lathi Wayeswelekile ukudlula ngaseSamariya. Ngani na? Sizothola emizuzwaneni embalwa nje.

92 Wayesethi, "Umthombo ujulile," nokunye nokunye. Ngakho wathi, "Obaba bethu baphuza kulomthombo, futhi, uJakobe, futhi wanika izinkomo zakhe ukuba ziphuze," nokunye nokunye.

Ingxoxo yaqhubeka uJesu waze waxhumana nomoya wakhe futhi wathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Manje bhekisisani, leso yisikhathi sokuqala phambi kwamaSamariya. Futhi Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Kunjalo. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho." Wayeyazi inkathazo yakhe.

93 Wayesethi, "Mnumzane . . . " Bhekisisani lomSamariya manje, abanye bethu bantu boMthetho. Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, bukani ukuthi Wazimemezela kanjani Yena uqobo kumJuda, manje bhekisisani, kumSamariya. Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Manje, thina," amaSamariya, "siyazi lapho uMesiya efika, Uzosikhombisa lezizinto." Kodwa akaqondanga ukuthi WayenguBani. Niyabona ukuthi isibonakaliso sikaMesiya sasizoba yini na?

Futhi Wathi, "NginguYe okhuluma kuwe."

Wayesewisa imbiza yamanzi, wayesengena emzini, wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu ongitshele engikwenzile. Akuyena yini Lona uMesiya na?"

94 Ngiyaninakisa: Lokho akuzange kwenziwe phambi koweZizwe, kwenqatshelwa. Ngani na? Lolu wusuku lwakho. Uma Abonakalisa . . . Kunezizwe ezintathu kuphela zabantu, lowo ngabantu bakaHamu, uShemu, noJafete: umJuda, oweZizwe, nomSamariya, ongumJuda uhhafu noweZizwe.

95 Kulowonyaka Wabamba bobabili umJuda nomSamariya, kodwa lolu wusuku lokugcina, neBhayibheli lasho ukuthi iNdodana yomuntu Iyozembula yona uqobo eZulwini ngezinsuku zokugcina, Iyokwembula eBandleni ngesihawu, bese kuthi-ke isambulo saYo sesibili siyoba sekwahlulelweni phezu kwalabo abaYenqabayo. Sisezinsukwini zokugcina.

96 UJesu, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Uma Azazisa Yena uqobo ekuvalweni konyaka wamaJuda, futhi lona ophakathi nendawo, umSamariya, phakathi kweJuda

noweZizwe, obhasteliwe, WaMenza waziwa kubo ngosuku lwaKhe, khona-ke uma Yena, ekupheleni konyaka wabeZizwe, Ubophezelekile eZwini laKhe ukuba Azibonakalise ngendlela efanayo Enza ngayo ngaleyonkathi, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade. "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Impela sithanda ukubona uJesu.

97 Bhekisisani ukuthi Wathini. Wadabula echibini laseBethesda, kwakukhona, nokho, izixuku ezinkulu zabantu, mhlampe abaningi njengalenkundla evalekile, lelihholo elikhulu beliyohlalisa, izinyonga, izimpumputhe, izishosha, nabashwabeneyo, bekhala, beqana ukuba bangene emanzini ngenkathi iNgelosi izamazamisa amanzi, babefuna ukungena, bahlole ukukholwa kwabo, Wahamba wadabula ngqo kulesosixuku sabantu (KusenguJohane oNgcwele 5, konke lokhu kukuJohane oNgcwele kusukela kweso 1 kuya esahlukweni se 5.), kwase kuthi-ke ngenkathi Edabula lapho, Wafunisisa waze Wa—Wathola indoda eyayilele ohlakeni.

98 Manje, nina baseningizimu niyazi ukuthi yini uhlaka, anazi na? Ngakhuliswa kolulodwa. Ngokokumboza umbhede okuchitshiyelwe ngezindwangu ezahlukene, noma okuthize, noma umatilasi omncane ulele ngasemnyango, noma okuthize.

99 Yayilele ohlakeni, yayingakhubazekile, yayingesiyo impumputhe, yayikwazi ukuhamba, yathi, "Lapho ngehlela echibini omunye ugijima angedlule."

Kodwa uJesu wayazi ukuthi yayikade ikulesisimo iminyaka engamashumi amathathu-nesishiyagalombili. Futhi Wathi, "Thatha uhlaka lwakho ungene endlini yakho," yahamba khona lapho futhi yabashiya bonke abanye.

100 UJohane oNgcwele 5:19 (Ningakhohlwa: 5:19.), Wabuzwa, bhekisisani ukuthi Wathini, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza." Bangaki abake bakufunda lokho na? Ake sibone izandla zenu. Awu, ningabafundi beBhayibheli, empeleni. "INdodana ingenze lutho," bese kuba yiZwi likaJesu, okungukuthi imiBhalo ingephulwe, Akenzanga lutho uNkulunkulu waze waMkhombisa ngombono ukuthi enzeni kuqala, lelo yiZwi laKhe uQobo. Uma lokho kuyiphutha, khona-ke konke okwaLo kuyiphutha.

101 UNkulunkulu waMkhombisa kuqala, akukho-muntu. Akukho ngisho nenyama yaKhe uQobo eyakhazimuliswa, kwaze kwaba semva kokuvuka kwaKhe, kodwa-ke uNkulunkulu yedwa unguMphulukisi, uNkulunkulu yedwa nguYe kuphela ongaphulukisa. NoJesu wathi, "Angenzi lutho aze uBaba waMi aNgibonise kuqala. UBaba uyasebenza, naMi ngiyasebenza kuze kube manje." Niyakuthola na?

102 Owesifazane, ngaphambi nje kwalokho, wayecindezele wadabula esixukwini, futhi wathi phakathi kwakhe, "Uma

ngingathinta ingubo yaKhe, ngizosinda." WaMthinta, futhi wabaleka, wama phandle esixukwini.

103 UJesu wama wayesethi, "Ubani oNgithintile na?" Bonke bakuphika.

104 Kodwa kuYe (O, malibongwe iGama laKhe!), kuYe kwakukhona amandla enele kaMoya oNgcwele ayekwazi ukwehlukanisa futhi athi, "UNgibiza ngoBelzabule. Kungani uzindla enhliziyweni yakho na? Ngikubonile ngaphambi kokuba uze emhlanganweni. Igama lakho ngu*S'bani-bani*." Lowo kwakunguNkulunkulu Ezibonakalisa.

105 Nowesifazane waMthinta, noJesu wayezimisele. Futhi uPetru wathi, "Nkosi, ngani sonke isixuku siyaKuthinta. Kungani Usho into enjengalena na?"

106 Wathi, "Kodwa Ngibe buthakathaka, amandla aphumile kiMi." Waqalaza, futhi Wembathiswa amandla ukuthi Wathola owesifazane, ukuthi wayengubani, futhi Wamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, futhi wamtshela ukuthi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Lowo kwakunguJesu izolo; lowo nguJesu namhlanje uma Enguye izolo, namuhla, naphakade.

107 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ngabe lokho kungokomBhalo na?"

Yebo, mnumzane.

"Kukuphi lokho emBhalweni na?"

ETestamenteni eLisha, iNcwadi yamaHeberu, iBhayibheli lathi, "UngumPristi oMkhulu," khona manje, lelihora, "umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Bangaki abake bakufunda lokho na? Ake sibone isandla sakho. Impela.

108 Awu, uma uMthintile, ubuyokwazi kanjani ukuthi uMthintile na? Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Ubeyozibonakalisa Yena uqobo ngendlela efanayo. Ngabe kunjalo na? Impela kunjalo.

109 Bangane, siphila ezinsukwini zokugcina, lona ngumusa ngaphambi kokwahlulelwa. Kuyini na? Kuyo yonke iminyaka . . . Ngaphambi nje kokuvala kancane, sizokucosha ngesikhathi esilandelayo lapho sikhuluma. Fundani uJohane oNgcwele 1 kuya kwese 5, nibone ukuthi Wenzeni, kucabangeni. Wazibonakalisa kanjani Yena uqobo na? Ngalezozibonakaliso, Wakwenza kanjalo-ke. Futhi Akazange akwenze phambi koweZizwe, akukho-ndawo emiBhalweni, kodwa lapha Uyakwenza manje, Ulapha manje, Uyaphila manje.

110 NoMoya oNgcwele okhonze phansi kwawo isikhathi eside kangaka, Ungu—UnguMoya oNgcwele ofanayo. Kufana nje nommbila ukhula, okokuqala uhlanga oluncane, okulandelayo yintshakaza, okulandelayo wuhlamvu, okwasekuqaleni okwangena emhlabathini. Futhi kuyini na? Ngabe kwehlukile ohlangeni na? Ukuphila kwakusohlangeni kwenza intshakaza

nohlamvu, kodwa wuhlanga oluvuthwe ngokwedlulele lommbila. Futhi yilokho. . . Wena Methodisti, wena Luthela, yini le? NguMoya oNgcwele ofanayo owaveza uLuther ngosuku lwakhe, owaveza uWesley ngosuku lwakhe. YiBandla elivuthwe ngokwedlulele kunalokho Elaliyikho ngaleyonkathi, ngokuba Libuyela kokwasekuqaleni futhi.

111 Lalelani, kinina bantu, sinesikhunta esiningi esikhwebini. Niyazi ukuthi siyini isikhunta, anazi na? Sinesikhunta esiningi esikhwebini, inqwaba yombhedo nokuqhubeka, inqwaba yokuqophisana nokulwa phakathi kwamahlelo, kodwa kusalokhu kuyisikhwebu sommbila, futhi uNkulunkulu uzosinquma ngolunye lwalezizinsuku futhi asiyise enqolobaneni.

112 NguJesu ofanayo, izolo, namuhla, naphakade, ofanayo, ofanayo emandleni, ofanayo ekubonakalisweni, ofanayo ngayo yonke indlela Ayeyiyo ngaleyonkathi, Uyiyo manje, kungenjalo umBhalo unephutha. Malibongwe iGama laKhe! Umusa manje, ukwahlulela okulandelayo, sisesikhathini sokuphela.

113 Manje, wena uthi, "Mfowethu Branham, uqonde ukusho umlayezo onjalo, nangabantu lapha cishe abantu abayinkulungwane abahlezi ebandleni kulobubusuku, mhlawumbe ngaphansi, phansi kwalokho na?" Impela. Abantu abalwazi usuku lwabo, abakaze bakwazi.

114 Ake nginibuze maProtestane: Ngabe bamazi u-Eliya na? Waye—wayengumuntu nje njengoba sinjalo. Babengamazi waze wahamba.

Ngabe bamazi uJohane na? Ngisho abafundi babengamazi, bathi, "Kungani bethi u-Eliya umelwe ukufika kuqala na?"

UJesu wathi, "Usevele ufikile futhi animazanga." Ngabe kunjalo na?

UJesu, baMazi na? Lutho waze Wafa, wembelwa, wabethelwa, wavuka futhi. Abazange bazi ukuthi WayenguBani.

115 Manje, kinina bantu abangamaKatolika, kuthiwani ngoPatrick oNgcwele, nithi ongcwele na? Wabhikishela ibandla eliKatolika. Futhi naningazi ukuthi wayengongcwele waze wafa iminyaka eyikhulu.

116 Kuthiwani ngoSt. Francis wase-Assisi na? Wayeyini na? Umshumayeli ohambayo neBhayibheli ekhwapheni lakhe owathi emasomini amancane ngalolosuku, "Thulani, bodadewethu abancane, ngisashumayela." Wabhikishela ibandla eliKatolika, futhi namzonda, kodwa emva kokuba esefile, khona-ke namenza ongcwele.

117 Kuthiwani ngoJoan ka-Arc, nina bantwana esikoleni na? Wayengowesifazane kamoya, wabona imibono futhi wakhuluma neziNgelosi. Futhi nenzani kuye, nina bantu beKatolika na?

Namshisela esigxotsheni njengomthakathikazi. Nakwenza! Futhi nathi, "Unomoya omubi, uBelzabule."

118 O, akumangalisi uStefanu wakwazi ukukhanya njengengelosi! Wathi, "Nina bazenzisi, nimelana njalo noMoya oNgcwele: njengoba kwenza oyihlo, nani ninjalo."

119 Ukuba benilwazi usuku lwenu! Ukuba bekulwazi usuku, lendawo nedolobha bekuyogcwala ukubona uJesu Kristu, kodwa abalwazi usuku.

120 Nenzani na? Emva kweminyaka eyikhulu noma kanjalo, ngenkathi nithola ukuthi uJoan ka-Arc wayengongcwele, nenze ukuzihlawulisa okukhulu, anizange na? Namba umzimba ofile walabobapristi nase niwuphosa emfuleni. Kusamelene nebandla lenu!

121 Futhi nilindele loMlayezo ukuba ube mkhulu, noma ngaphansi na? Niyohamba ninqamule izizwe, uJesu Kristu eBandleni laKhe nabantu baKhe, Azibonakalise ngabantu baKhe, futhi niyohlala eceleni futhi niWuvumele wedlule futhi ningaWazi. Uvukile kwabafileyo, uMoya oNgcwele ulapha ngamandla nangesibonakaliso, uKristu ofanayo owahamba olwandle lwaseGalile, Owabuya ngesimo sikaMoya oNgcwele, ebonakalisa uKristu, ukuPhila.

122 INgelosi kaNkulunkulu, isithombe sayo sisemuva lapho, uma Ingafakazi ngoKristu, khona-ke Iyingelosi engalungile. Lokho ngoJoseph Smith ebona ingelosi, akuzange kufakaze ngoKristu. Kodwa iNgelosi yeqiniso kaNkulunkulu izofakaza ngoKristu; umvini weqiniso—weqiniso uzothela amagilebhisi. NoMoya weqiniso kaNkulunkulu uzobonakalisa uJesu Kristu, uma ungabonakalisi, khona-ke awuphenduli kwi-Urimi neThumimi.

123 Ngimshaya indiva udeveli nayo yonke imisebenzi yakhe! Yihora lokukhululwa kwebandla, futhi bahlezi phansi kwezivumokholo namahlelo, futhi beqophisana, futhi beqhubeka, baze bangalwazi usuku lwabo. Vuka, wena olele, futhi uzithintithe, futhi ubize uNkulunkulu! Akulotshiwe yini ukuthi loNyaka weBandla laseLawodikeya uzoba ngosivivi na? Bayohlanzwa emlonyeni woMsindisi.

Asikhuleke.

124 Nkulunkulu oPhakade, Owabuyisa uJesu kwabafileyo futhi waMbonakalisa njengoKristu ophilayo, futhi khona impela emva kokuvuka kwaKhe ngalokho kusa kokuqala okuhle kokuvuka, amadoda amabili ehambisana ngqo ehlela e-Emawuse, uKleyophase nomngane wakhe, bekhuluma naYe futhi babengakwazi. Ngenkathi Ebangenisa ngaphakathi futhi wavala iminyango, khona-ke Wazazisa Yena uqobo, Wenza into ethize njengoba nje Enza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, namehlo abo avuleka. Futhi baphuthuma babuyela emuva ngokushesha, bethi, "Impela iNkosi ivukile, futhi siYibonile."

Futhi njengoba umBhalo ushilo kulobubusuku, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu."

125 Nkulunkulu, ngalolu izinsuku zokugcina, ezansi kulelizwe laseningizimu, lapho lezizinhliziyo ezindala ezithandekayo zaseningizimu yavuswa futhi yafundisa ngaphansi kweVangeli, abaningi babasunguli babo abakhulu bebengavuka namhlanje, bebeyohlazisa ibandla ngobuvila balo.

126 Nkulunkulu, ngiyakhuleka kulobubusuku, ukuthi Uzothumela uJesu, Mthumele emandleni okuvuka kwaKhe, Mthumele ekubonakalisweni kwaKhe okugcwele, futhi ungene emalungeni oMzimba kaKristu ukuze abantu baMbone ebonakaliswa. Siphe khona, Nkosi. Sinikela lokhu kuWe manje.

127 Akunandaba ukuthi bengizothini, onke amazwi ebengingawakhuluma abengeke neze asho nokukodwa okuncane, noma i-awunsi elilodwa esisindweni esikhulu ukuthi elinye lamaZwi aKho lizo, awami azohluleka, kodwa awaKho angeke. Manje, Nkosi, sibheke ukuKuzwa ukhuluma. Siphe khona, Nkosi, eGameni likaJesu, siyakhuleka. Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

128 . . . Lo Omkhonzayo, ukuthi Uzoza kulobubusuku, nalamazwi ambalwa athe ukuphoswa ndawonye, ukuthi Uzokutshala enhliziyweni yakho, noma afake umhlabathi phakathi lapho ukuthi iMbewu ingamila kuwo.

129 Ubungeke ukhulise ubhatata endaweni enamatshe aluhlaza okwesibhakabhaka, ngeke nje uwukhulise, awunawo amandla, awukwazi ukusabalala, kuminyene kakhulu, ufanele uwafake emhlabathini onesihlabathi.

130 Ufanele ube nohlobo olufanele lwempahla enhliziyweni yakho ngaphambi kokuba iZwi likaNkulunkulu libonakaliswe, kuzofanele kube senhliziyweni yakho, nguNkulunkulu kuphela ongenza lokho. "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi. Futhi wonke oza kiMi, Ngiyakumnika ukuPhila okuPhakade, futhi ngimvuse ngezinsuku zokugcina." Inselelo enje pho!

131 Kungukuthi asikwazi ukukhulekela wonke umuntu ngesikhathi esisodwa. Inkonzo inensa kakhulu kulokhu . . . EMelika, kunenkolelo-ze eningi kakhulu, izinto eziningi kakhulu. Okuyikho, abantu bahlala nje lapha e—e . . . beza emhlanganweni, bathola lonke uhlobo lwemibono exakile ekhanda labo, abazi, abaqondi. Bebefanele baphume nathi emkhankasweni ngesinye isikhathi, babephandle ekhaya futhi babhekisise ukuthi kwenzekani. Ngena ekhaya kanye futhi ubhekisise ukuthi leyo emikhulu, imibono enamandla ishanela phansi futhi ikuthumele edolobheni, futhi ikutshele ukuba ubhekisise into ethize ukuba yenzeke, nezinto zenziwe, usuke uhambe.

132 Akungaphezu kwakuthangi, uMnu. Sothmann, abaningi benu bangahle bamazi, uyimenenja yaseCanada, washaya ucingo, wathi, "Billy, ngiyeza ngehlela eChattanooga."

Ngathi, "Fred, ndiza."

Wathi, "O, Billy!"

Ngathi, "Uzwile, Fred: EGameni likaJesu, ndiza."

133 Wangena emotweni yakhe wayeseqala, noma kanjani, futhi elele phezulu lapha emgwaqeni manje, esiphihlini sengozi, nobuso bakhe bonke bufocokele phakathi, nomkakhe esikekile, nomntwana wakhe.

134 Lalelani, o, eziningi nje, izinto eziningi! Nsuku zonke, nsuku zonke kukhona okwenzekayo. Abantu beza lapha nje, behlezi emhlanganweni, bathi, "Awu, kungahle kube ukuthi kungukufunda ingqondo, noma okuthize ngalolohlelo, noma olunye uhlobo lwento ethize." Niyabo, abaqondi, kodwa uNkulunkulu ulungile, Uyakwenza, noma kanjani, ngoba Ubophezelekile eZwini laKhe.

135 Uma uJesu Kristu ezofika futhi abonakalise iZwi . . . Uma Enga—uma Enganakekeli lokho Akusho, khona-ke Ubengeke abe nguKristu. Kodwa uma Ezenza Yena uqobo . . . Uma uKristu enza lesisithembiso sibe yiqiniso, Uzokwenza zonke izithembiso zibe yiqiniso. Uyakukholwa lokho na?

136 Bangaki abazothi, "Uma Ezokwenza into efanayo kulobubusuku phakathi kwebandla laKhe lapha Ayenza ngenkathi Elapha emhlabeni, ngizokwemukela futhi ngikukholwe, futhi ngibeke zonke izinkonyane enginazo, nakho konke okomqondo ukuthi ngifanele ngenze imvuselelo ibe yimpumelelo enkazimulweni kaNkulunkulu"? Beningaphakamisa izandla zenu, bese nithi, "Ngizokwenza, ngomusa kaNkulunkulu"? UNkulunkulu akubusise. Kuhle.

137 Bakhipha amakhadi omkhuleko usuku ngalunye. Ngiqagele uDkt. Vayle usevele unichazele khona. Bakhipha amakhadi omkhuleko ebusuku, siyehla futhi sibize abanye baphume kuleyondawo. Asazi, ngesinye isikhathi sibiza kusuka endaweni eyodwa kuya kwenye. Nsuku zonke . . . Uma sikhipha onke amakhadi namhlanje, omunye engena kusasa, abalitholi ikhadi.

138 Kwase kuthi-ke, sawathumela onke kubashumayeli ekuqaleni, ngikholwa ukuthi yileyondlela esakwenza ngayo ngenkathi silapha ngaphambili, sawathumela kubashumayeli, lokho kubangela ukuqophisana. Oyedwa . . . Ake sithi uthatha abashumayeli abayishumi nanhlanu noma abangamashumi amabili, ngamunye wabo amakhadi ayikhulu, yimuphi ofaka ibandla lakhe kuqala, yilowo ohlala phakathi. Niyabo? Ngakho bonke abanye abalitholi ngisho ithuba.

139 Uma-ke wehla futhi uwakhiphe onke ngosuku lokuqala na? Abantu bosuku lwesibili, asikho isidingo sokuza uma ungekho

lapho ngosuku lokuqala. Manje-ke sasivame ukuwathola, siwakhiphe onke . . .

140 Nganginendoda iwakhipha, ngayibamba ithengisa amakhadi omkhuleko, kwaqedwa ngayo khona lapho. Ngakho nganginomfowethu ukuba eze nami, wayeseshadelwa-ke, ngeza nendodana yami, ukuze kungabikho-muntu oyothengisa ikhadi lomkhuleko.

141 Khona-ke bengiyoba nabantwana abancane behlezi ngaphambili, ngithi, "Yenyukela lapha, Junior, qala ukubala, noma yikuphi lapho oyeka khona ukubala, yilapho esizoqala khona." Kukholwe noma qha, umama wayemisa uJunior ngqo ekhadini lakhe, niyabo, ngakho sasiqala khona lapho, futhi kwabanjwa khona emihlanganweni.

142 Ngakhuleka, "Nkosi, ngingenzenjani na?"

143 Manje sithumela abafana ezansi, kuphakathi kokuthi bazoba yindodana yami, noma uMfowethu Mercier, angimboni lapha kulobubusuku, uMfowethu Goad, noma uMfowethu Mercier, nampa, khona ngaphansi kwami, khona lapha. Oyedwa . . . Abanye balaba bafana bazobe benikezela ngamakhadi omkhuleko, nje ba, abafana abaqotho. Bazothatha lamakhadi omkhuleko futhi bawaxube onke ndawonye phambi kwenu khona lapha. Ungahle uthole elokuqala, nolandelayo athole amashumi amahlanu, nomunye amashumi amabili nanhlanu, futhi konke nxazonke. Khona-ke abazi ukuthi azobizwa kusukaphi, ngiyehla futhi noma yikuphi lapho engizwa ngiholeleka ukuba ngiqale khona, yilapho engiqala khona.

144 Sithola abambalwa phezulu lapha emsamo, ngenkathi oyedwa esaphulukiswa lapha, kukhona mhlawumbe amashumi amahlanu aphulukisiwe phandle lapho ezethamelini. Mkholwe nje, awudingi ukuba phezulu lapha, kholwa nje lapho okhona. Bhekisisa futhi ubone ukuthi lokho akusilo yini iqiniso.

145 Kulungile. Manje yibani semkhulekweni. Futhi manje sinemizuzu embalwa nje esele, angazi ukuthi sikhathi sini sokuvala, sileyithi kancane kulobubusuku. Asizukuba ngeviki elizayo, sizozama ukuphuma ligamenxe elesishiyagalolunye ngqo ubusuku ngabunye uma kungenzeka.

146 Manje asiqale, awu, lobu ubusuku bokuqala, asiqale kwelokuqala. (Futhi yiluphi u—yiluphi uhlamvu lwekhadi na? Ubani owakhiphayo na? Uwakhiphile, Gene na?) Kulungile u-U, u-U, wokuqala. Ngelincane, ikhadi eliyisicaba, lino U kulo ne—ne—nenombolo ngemuva. U-U, wokuqala, ubungasiphakamisa isandla sakho uma ukwazi na? Uma ekhona lapha onekhadi lomkhuleko lokuqala? Buka ikhadi likamakhelwane wakho, angahle abe yisithulu, isimungulu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

147 . . . ngakho-ke asinakho ukujaha okukhulu ukuba sigijime. Bangaki phezulu lapha, bangaki kuso sonke isakhiwo manje ogulayo futhi ufuna uJesu Kristu akuphulukise, awunalo ikhadi lomkhuleko na? Phakamisa isandla sakho. Yebo, awunalo ikhadi lomkhuleko manje, ukuze ngithole umqondo ovamile. Kuvulandi osesitezi . . . ? Kulungile.

148 Manje bukani, hloniphani ngokuzithoba ngempela nje. Futhi bhekani ngapha bese nithi enhliziyweni yenu, "Nkulunkulu, ngikholwa ukuthi lowomuntu ukhulume iqiniso, ngoba ukukhiphe eZwini. Ngiyagula, Mvumele . . . Uma Uzothinta umzimba wami, menze aphenduke futhi akusho kimi, njengoba enza lapho, njengoba Wenza eBhayibhelini."

149 Qalani nje ukukhuleka kanjalo futhi nibone ukuthi kwenzekani. Ningabi nokwethuka, yibani qotho. Ningazami ukufuqa into ethize, nje . . . Ungeke wafuqela lutho kuNkulunkulu. Niyabo? Ufanele uze ngendlela yaKhe.

150 Nanku u—umthombo ophethuzayo ngaku*leli*cala, futhi nasi isivuno esivuthayo ngaku*leli*cala, leligquma, awukwazi ukuma lapho futhi udazuluke, "O, manzi, woza ngapha! O, manzi, woza ngapha futhi unisele isivuno sami esisanhlamvu!" Ngeke kukwenze. Kodwa uma uzosebenza ngokwamandla adonsela phansi, imithetho yamandla adonsela phansi, amanzi azofika ngaphezulu, anisele isitshalo. Ngabe kunjalo na?

151 Sebenza ngokwecebo likaNkulunkulu, futhi ubhekisise uma uNkulunkulu engezi futhi aphulukise umzimba wakho. Niyabo? Kodwa ufanele uze ngendlela yaKhe, hhayi ngendlela yakho. "O, Nkosi, ngihlezi lapha! Nkosi, ngihlezi lapha! Lapha . . . "

152 Manje, Uyazi ukuthi ulapho, impela Uyakwazi, kodwa nje sebenza ngokwemithetho yaKhe, umthetho waKhe uluthando. "Jesu, ngiyaKuthanda. Ngizofa uma Ungangisizi. Thethelela ukungakholwa kwami, futhi enhliziyweni yami susa onke amathunzi, futhi mangi—mangiKuzwe ukhuluma kimi kulobubusuku, Nkosi. Ngiphezulu le lapha kuvulandi osesitezi. Ngisezansi le lapha. Ngi . . . Noma ngabe ngikuphi." Niyabo? "Ngihawukele, Nkosi Nkulunkulu, ngiyaKudinga." Bona ukuthi kwenzekani.

153 Kulungile, manje sikuphi manje na? Eleshumi nanhlanu, ngabe lelo bekungelokugcina na? Bazoqala umugqa womkhuleko. Kulungile. Okeyi.

154 Uma uthanda, dadewethu . . .

155 Kulungile lokho, bazalwane. Niyisigejane esihle samadoda, hlalani khona lapho nje futhi nilokhu ningikhulekela. Niyabo? Manje, isizathu emsamo, ngokwejwayelekile anginabo abantu, yingoba, elami uqobo nje iqembu lami, ngiyazi ukuthi iyini inkathazo yabo, niyabo. Futhi ngi . . . Yingalesosizathu ukuthi ngezinye izikhathi lapho—lapho abantu bezama uku, macala omabili . . . Niyaqonda ukuthi ngikhuluma ngani, aniqondi na?

156 Kufana nje, awu, uma nina—nina befundisi nishumayela iVangeli, futhi nibe nesigejane sabangakholelwa kuNkulunkulu, niyabo, abangakholelwa kuNkulunkulu nje nxazonke kuwe, bekuyoba yinto enzima, ufuna amaKristu eduze kwakho. Niyabo? Awu, kungaleyondlela lapha, niyabo, ngoba ubungamuzwa lowo ongakholelwa kuNkulunkulu nomoya wakhe wokungakholwa, ubuyokwazi.

157 Awu, kungaleyondlela lapha, anisibo abangakholelwa kuNkulunkulu, ningamaKristu, kodwa ukugula kwenu, Uyakwazi, niyabo, yilapho okukhona, kukuyo yonke indawo nje, ndawo zonke, futhi uthi ukuxoveka ngesinye isikhathi, ngakho ufuna uku . . . Akakaze angivumele ngikwenze namanje, kodwa nge—ngethemba ukuthi Uzokwenza. Ngikhulekeleni nje, bazalwane.

158 Kulungile. Wonke umuntu ezethamelini manje, khulekani futhi nihloniphe ngokuzithoba ngempela. Into yokuqala engifuna ukuyisho kulababantu: Angicabangi ukuthi kukhona umuntu phakathi lapha engimaziyo, siqu sami, ngaphandle kukaMfowethu Mercier, ohlezi khona lapha, uMfowethu Littlefield, khona lapha, noMfowethu Darnell. Ngike ngabheka ngale kwesakhiwo, futhi akukho . . . Bangaki owaziyo ukuthi ngiyisihambi kini na? Ake sibone izandla zenu. Anginazi, angazi lutho ngakho, phakamisani izandla zenu nje. Niyabo? Bangaki emgqeni womkhuleko othi ngi—ngiyi—ngiyisihambi kuwe na? Phakamisani izandla zenu. Nina bantu enisemgqeni womkhuleko, phakamisani izandla zenu uma lokho kunjalo. Kulungile.

159 Manje asikhuleke. Manje ninga—ninganyakazi, hlalani nithule nje, hloniphani ngokuzithoba ngempela imizuzu embalwa; abangivumeli ngihlale kodwa nje imizuzu embalwa.

160 Leli yi—leli yinenekazi, Dokotela na? Kulungile. Manje, yima nje khona lapho okhona, nenekazi. Kulungile. Angicabangi ukuthi ngiyakwazi, ngiqagele siyizihambi komunye nomunye. [Udade uthi, "Ngangilapha ngaphambilini ngenkathi . . . ? . . . "—Umhl.] Ngenkathi ngisemhlanganweni lapha ngaphambilini, wawusemhlanganweni na? ["Ngaphulukiswa, umphimbo wami."] O, waphulukiswa enkathazweni yomphimbo ngenkathi ngilapha ngaphambilini. Awu, bengingeke ngibe nawo umqondo ukwazi lokho, uyakwazi lokho, lokho sekube cishe yiminyaka eyisikhombisa noma eyisishiyagalombili edlule, ngiyacabanga. Angikwazi, angazi ukuthi uze ngani lapha. Kulungile. Uma lokho kunjalo yithi nje ukuphakamisa isandla sakho ukuze izethameli zibone.

161 Uthe ngenkathi ngilapha ngaphambilini wayenenkathazo emphinjeni wakhe futhi waphulukiswa, iNkosi yamphulukisa ngenkathi ngisemhlanganweni lapha ngesinye isikhathi, angimazi owesifazane.

162 Nasi i—isithombe salokho ebesikhuluma ngakho: owesilisa nowesifazane. Bangaki okukholwayo lokho na? Manje, niyabo, owesilisa nowesifazane, njengoba nje kwakunjalo uJohane oNgcwele 4. Manje, ngabe uJesu uzoziveza Yena uqobo koweZizwe njengoba Enza kumJuda, njengoba Enza kumSamariya na? Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Uzokwenza.

163 Manje, owesifazane angahle ukuba uyagula, kungahle kube yinkathazo yakhe yomphimbo futhi, a—angikwazi ukukutshela lokho, uNkulunkulu uyakwazi lokho, angikwazi. Kodwa noma ngabe kuyini, uma egula. . . Angahle abe ngumgxeki, angazi ukuthi ungubani. UNkulunkulu uyazi, mina, ngokwazi kwami. . . Uthe wayenjalo, wedlula emgqeni futhi wakhulekelwa, kunamakhulu, namakhulu, namakhulu abo adlula emgqeni, bengingeke ngikwazi. Mina, ngokwazi kwami, ukwazi owesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami; *nanti* iBhayibheli lami noNkulunkulu unguMahluleli wami. Niyabo? Khona-ke bekuyoba ngokungenakwenzeka nhlobo kimi ukuba ngazi ukuthi lowo wesifazane uzele ini lapho. Kungahle kube yinkathazo yasekhaya, kungahle kube yinkathazo yezezimali, kungahle kube noma yini, angazi, kodwa noma ngabe kuyini, uma uNkulunkulu ezokwembula, makabe ngumahluleli.

164 Manje, uma e—ebeyothi, "Yebo, Mnu. Branham, inkathazo yami yomphimbo ibuyela kimi futhi, ngifuna ungikhulekele," bengiyobeka izandla zami phezu kwakhe, ngithi, "INkosi ithi uzosinda, qhubeka," ubeyoba nelungelo lokukungabaza lokho, kanjalo nawe, kusobala awudingeki ukuba uthathe izwi lami, ngoba mina ngingumuntu, kodwa yilokho engimtshela khona ukuthi kuzoba yikho. Kodwa manje, uma iNto ethize lapha yazi ukuthi ubeyini, makabe ngumahluleli walokho.

165 Uma Yazi ukuthi ubeyini, impela Izokwazi ukuthi uzoba yini. Ngabe kunjalo na? Ofanayo. Yilapho i—isimangaliso, ubukeka njengowesifazane ophilile, angahle abe njalo, uNkulunkulu uyakwazi lokho. Kodwa makabe ngumahluleli, bese-ke wehlulela. Futhi uma iNkosi uJesu izokwenza into efanayo, uyazi ukuthi bekungevele kumfowenu, bekuzofanele kuvele kuYe.

166 Futhi ngifuna nibhekisise, ngamunye oyikholwa langempela, lapho ugcobo lushaya ngasemsamo, bhekisisani isimo sobuso babo.

167 Kusasa ebusuku bazonikhombisa isithombe saKho, esiseWashington, DC manje, sithathwe eJalimane, sathathwa lapha e—eMelika, kanjalonjalo. IsiDalwa esingaphezu kwemvelo kuphela esake sathwetshulwa ngokwesayense kuwo wonke umlando wezwe, uGeorge J. Lacy, inhloko ye-FBI, washo njalo. INsika yoMlilo, Efanayo yahola abantwana bakwa-Israyeli, Efanayo yabonakaliswa kuKristu. Wazi kanjani. . . ? Bangaki

owaziyo ukuthi—ukuthi iNgelosi kaNkulunkulu yayiyiNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli na? Bangaki owaziyo ukuthi Lowo kwakunguJesu na?

168 Futhi ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu futhi ngiya kuNkulunkulu." Niyakukholwa lokho na? Ngenkathi uPawulu ehlangana naYe endleleni eya eDamaseku, Wayeyini futhi na? INsika yoMlilo, ukuKhanya okwakhipha amehlo kaPawulu okwesikhashana. Kunjalo. Niyabo? Usenguye, ebonakaliswe ngokufanayo, iNgelosi efanayo, uNkulunkulu ofanayo, uNkulunkulu kwelinye ihhovisi; uNkulunkulu kuYise, uNkulunkulu eNdodaneni, uNkulunkulu kuMoya oNgcwele, hhayi oNkulunkulu abathathu, izikhundla ezintathu zikaNkulunkulu ofanayo.

169 Ngokuba yisihambi kuwe, nenekazi, ngingakwazi neze, njengoba wazi ukuthi angikwazi, kodwa silapha. Manje, engikushumayelile kulobubusuku, kuphakathi kokuthi yiqiniso, noma akusilo iqiniso. Manje-ke uma iBhayibheli liyiQiniso, khona-ke uKristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Uma Anikeza amandla futhi sisengamagatsha aKhe, ukuphila kwaKhe kufika ngathi.

170 Futhi Wabeka abanye eBandleni ukuba babe ngabaphostoli, nabanye abaprofethi, nabanye abafundisi, nabavangeli, nabelusi, Wenza lokho, Wathi Wakwenza.

171 Manje, wena njiniyela onalokhu lapha, noma yini, lemayikrofoni, bhekisisa manje, uma ugcobo lukaMoya oNgcwele luqala, a—angazi noma ngikhuluma kakhulu yini, noma—noma okunye nokunye, bengingeke nginitshele.

172 Uma uJesu ezongitshela into ethize oyenzile, noma into ethize oyifunayo, noma njengoba Enza kowesifazane, yayiyini—yini inkathazo yakhe, uma Ezokwenza into efanayo kulobubusuku, uzokwemukela njengokuvela kuYe na? Uyokwazi ukuthi kuyofanele kuvele emandleni angaphezu kwemvelo. Kodwa uma uKukholwa—uma ukholwa ukuthi Ku—Kungamandla amabi, wemukela umvuzo walowo omubi; uma ukholwa ukuthi NguMoya kaNkulunkulu, wemukela umvuzo kaNkulunkulu. Niyabo? Kuya ngokuthi yini . . . Ufanele uWuqonde.

173 Owesifazane owathinta ingubo yaKhe, amandla aya kuye, kodwa isosha elingumRoma elabeka indwangu phezu kwekhanda laKhe futhi laMshaya ekhanda ngenduku, lathi, "Sitshele ukuthi ubani okushayile, sizokukholwa," Akatholanga-mandla, Akasondelanga kukho ngokuyikho; kuyilokho-ke namhlanje.

174 Uma abantu besengalizwa iphimbo lami, owesifazane ubonakala esuka kimi, unjalo. Unokwethuka ngokwedlulele, uphatheke kabi ngento ethize. Futhi isizathu ephatheke kabi, ngiyambona, kade e . . . ufikile, eya e—esibhedlela. Usanda

kuphuma esibhedlela, esibhedlela ube nokuhlinzwa, nalokho kuhlinzwa bekusebeleni, nebele beliyithumba eliyisimila, basuse ibele, bakhipha ithumba. Wabuyela ekhaya. Khona-ke udingeke ubuyele emuva futhi, futhi bafaka okuthile ebeleni lakho, bekuyishubhu noma okuthile uku...ube nokuvuza ebeleni lakho. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

175 Lelo yiqiniso. Yilo na? Uyakukholwa na? Khona-ke hamba uye ekhaya, uphile, uJesu Kristu uzokuphulukisa. Uyakukholwa manje na? Hamba ngendlela yakho uthokoza futhi ujabule. INkosi uNkulunkulu ikubusise.

176 Sawubona, mnumzane? Ngiyakubona ukhipha izibuko zakho, kusobala noma ubani ubeyokwazi uma ubufake izibuko, kukhona okungalungile emehlweni akho, funa kube yizibuko zokufunda. Indoda enguntanga yakho ifanele ibe nezibuko, empeleni, ukufunda ngazo. Emva kokuba usudlule eminyakeni engamashumi amane ubudala, inqubo yemvelo, amehlo akho aba yisicaba, ungabona kude kahle, kodwa hhayi eduze kwakho.

177 Angikaze ngikubone empilweni yami yonke, mnumzane. Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye. Kodwa uNkulunkulu uyakwazi, Uyangazi.

178 Nasi esinye isithombe, lowo bekungowesifazane, njengowesifazane emthonjeni, nansi indoda, njengoFiliphu wahamba futhi wathola uNathanayeli, indoda, amadoda amabili ehlangana. Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade kulesisizukulwane sabeZizwe njengoba nje ngikhulumile ukuthi unguYe, Uzofanele Azibonakalise enguye izolo, namuhla, naphakade. Uyakukholwa lokho, mnumzane na? Uyakholwa ukuthi ngikutshele iqiniso elivela eZwini likaNkulunkulu kulobubusuku na? Uma Ezobonakalisa into efanayo, uzoMkholwa na?

179 Manje umzuzwana nje, hloniphani ngokuzithoba ngempela manje, abanye...Khulekani. Omunye wenze into ethize ngaleyonkathi, uthinte Yena. A—angikwazi ukuthi ungubani, kodwa nje hloniphani ngokuzithoba manje, abanye benu ndawondawo, kukhona okwenzekile, kuphazamise uMoya lapha emsamo. Manje, manje, qhubeka ukholwa. "Uma ukholwa!"

180 Ngibuyele kuwe futhi, mnumzane. Uma bengingakusiza, futhi ngingakwenzi, bengiyoba ngumuntu omubi. Futhi uma udinga ukuphulukiswa, bengingeke ngikwenze, ngoba uNkulunkulu ubezofanele akwenze, sekuvele kwenziwe. Into kuphela ebengingayenza, mhlawumbe uNkulunkulu Aziveze obala ngesiphiwo sikaNkulunkulu ukukwenza uqonde uBukhona baKhe, khona-ke ubuyokholwa.

181 Uhlushwa yi—yinkathazo oyesabayo ngumdlavuza. Yisifo esithelelanayo, sibizwa ngesifo esithelelanayo, sisebusweni bakho. Lelo yiqiniso. Uyesaba ukuthi ngumdlavuza, kade ucabanga ngakho, ngaleyondlela kwenele ukukwenza wesabe.

Lelo yiqiniso. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Angikuboni ngokomzimba ebusweni bakho, kodwa ku, noma kanjani, kulapho.

182 Ake ngikutshele: Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Kukhona othize laphaya ezethamelini, lowo ngumkakho. Uzama ukuxhumana noNkulunkulu, naye. Futhi ngokuthi uyakholwa, kukhona okukushayile ngaleyonkathi. Uyakholwa uma ngingumprofethi kaNkulunkulu, noma, inceku yaKhe, ngingakutshela ukuthi yini engalungile ngomkakho na? Ubungakukholwa na? Uhlushwa ubuthakathaka, kunjalo impela, amalumbo obuthakathaka. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

183 Awusuye owakulelidolobha, ungowakwelinye idolobha hhayi kude nalapha, kusenhla enyakatho ukusuka lapha, kubizwa ngeCleveland. Yiqiniso lelo. Igama lakho unguGlover, Led Glover, kunjalo impela. Ledford, lelo yigama lakho. Uyakholwa ukuthi UnguKristu ofanayo izolo, owayazi ukuthi babengobani ngalezozinsuku na? Khona-ke hamba uye ekhaya, uzosinda, nobabili. UJesu Kristu uyakusindisa. Manje ungangabazi, hamba, ukholwa. UNkulunkulu abe nawe.

184 Sawubona, nenekazi? Angikwazi. Siyizihambi komunye nomunye.

185 Manje, qhubeka ukholwa. Hloniphani ngokuzithoba nje, nilokhu nikhuleka.

186 Uma iNkosi uJesu izongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho . . . Into yokuqala, siyizihambi omunye komunye, siyizo na? Ukuze nje abantu bezobona, phakamisa isandla sakho, ngenxa yebanga. Lesi yisikhathi sethu sokuqala, ngiqagele, ukuhlangana empilweni, okokuqala. Manje-ke uma uNkulunkulu Ezibonakalisile ngokweZwi laKhe, wenza isithembiso saKhe, Uyokwazi wena. Ukwazile wena ngaphambi kokuba wena . . . Wakwazi ngaphambi kokuba izwe lize liqale, ngoba ungumKristu, uyikholwa. Futhi uhlushwa yinkathazo yesisu, futhi unenkathazo yamanenekazi, ukuphazamiseka kwabesifazane, kunjalo, kubangela ukuvuza. Yithumba.

187 Uyakholwa ukuthi umyeni wakho laphaya uzophulukiswa, naye na? Uhlezi laphaya uyakhuleka. Unenkathazo yesisu, akanayo na? Uyakholwa ukuthi uzophulukiswa naye na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na?

188 Ukhulekela omunye umuntu, lowo ngudade, usesibhedlela enokwehluleka kwemizwa. Kholwa nje eNkosini manje, yilokho okukholwayo yileyondlela nje okuzoba ngayo. UNkulunkulu akubusise. Hamba. Kwangathi uJesu Kristu angake akwenze—akwenze . . . okucelayo, dade, akuphe khona.

189 Umzuzwana nje. Inenekazi, Nks. Reed, vele uhambe ngendlela yakho, lokho kulungile, uNkulunkulu akubusise.

190 Hloniphani ngokuzithoba. Futhi niyeke ukucabanga lokho kufunda umqondo manje! Manje, khumbulani, ububi bungeza kuwe ngalokho.

191 Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye, nenekazi. UNkulunkulu wazi zonke izinto. Uyakukholwa lokho na?

192 Umnumzane ohloniphekile ohlezi lapho ekugcineni kohlu, egqoke isudu ensundu, izibuko, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kulowomfutho wegazi ophakeme na? Uyakholwa na? Lowo ngumkakho ohlezi eduze kwakho lapho, uhlushwa yinkathazo yamankanka, beka isandla sakho phezu kwakhe, futhi, futhi ube nokukholwa kuNkulunkulu, ngeke kusakukhathaza.

193 Manje, lapho bhekisisani lowomoya. Aniwuboni lowomushwe omnyama na? Bukani lapha, lentombazane ehlezi khona lapha, ngaphambili ngqo laphaya, inesifo samankanka, nayo, igqoke ibhantshi elibomvu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa, ntombazane na? Uyakholwa na? Inenekazi elihlezi eduze kwakho nalo linesifo samankanka, inenekazi elincane elinezibuko. Sukumani, phakamisani izandla zenu uma lokho kunjalo, nina besifazane ababili. Sukumani manje. Nobabili niphulukiswe ngesikhathi esifanayo aphulukiswe ngaso, ukukholwa kwenu kukwenzile.

Ucabangani ngakho na?

194 Wena ohlezi ekugcineni kwesihlalo ukhala manje, uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakholwa ukuthi leyonkathazo yomphimbo ikushiyile na? Yebo, e-hhe. Uyakukholwa na? Kulungile. Phakamisa isandla sakho, yemukela uKristu, futhi uphulukiswe. E-hhe.

195 Uthinteni na? Uthinte bani na? Hhayi mina, uqhele ngamafidi angamashumi amane kimi, noma ngaphezulu, uthinte umPristi oMkhulu. Ningaqonda yini, bangane na? UmPristi oMkhulu, uthinte Into ethize, BekunguYe. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho, ungangabazi.

196 Ngabe leli yinenekazi elilandelayo na? Ngiqagele siyizihambi komunye nomunye. UNkulunkulu usazi sobabili nokho, Akasazi na? Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi umeleni lapha, uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na?

197 Bangaki ezethamelini abazokholwa na? Ngabe ukhona phandle lapho omaziyo owesifazane na? Kulungile.

198 Yisimo sokwethuka okwedlulele onaso ngento eyodwa, enye into, ifihliwe, yisimila. Kunjalo, unesimila. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi sikuphi lesosimila na? Sisenqulwini yakho. Awusuye owakulelidolobha, ungowakwelinye idolobha ngaphesheya kwentaba, iKnoxville, eTennessee yilapho ovela khona. Kunjalo. Lowo ngu ISHO

KANJE INKOSI. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Ucabangani ngalokho mfowethu na? Uyakholwa ukuthi uzowumisa lowo mongozima emlonyeni wakhe lapho na? Uyakholwa ukuthi uzokwenza lokho na? Uma ukukholwa, khona-ke hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, futhi ubonge uNkulunkulu ngakho.

199 Nginiphosela inselelo noma yikuphi, egameni likaKristu, ukuba nibuke futhi niphile! Buka futhi ukholwe ukuthi Ulapha, kwenze nje futhi ubone ukuthi kwenzekani.

200 Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye, nenekazi. Lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuhlangana. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi okusenhliziyweni yakho, uzokukholwa na?

201 Niyabo, mngani, lokhu bekungaqhubeka isikhathi eside kakhulu, kodwa uma u—uma ungakholwa manje, a—awusoze nje wakholwa. Niyabo? Kunjalo.

202 Unokwethuka futhi unenkathazo entanyeni yakho. Kunjalo. Futhi amehlo akho ayavaleka, ayaphuphutheka. Kunjalo.

203 Wena uthi, awu, omunye uthi, "Ufake izibuko."

204 Awu, ake ngikhulume naye futhi, umzuzwana nje. Unomthwalo onzima enhliziyweni yakho. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakwembula lokho na? Kumayelana nendodakazi yakho, isesikhungweni sezinhlanya. Kunjalo. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Khona-ke izophuma uma uzokholwa ngakho konke . . . hamba nje futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. E-hhe. Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu, ungangabazi, kodwa kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

205 Ngifuna ukukhiphe lokho engqondweni yakho mayelana nerea- . . .

206 Buka lapha, woza lapha, beka isandla sakho kwesami, nenekazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kuleyonkathazo yenhliziyo, futhi usinde na? Khona-ke qhubeka nje uhambe, ubonga uNkulunkulu. Kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

207 "Uma ukholwa, konke kuyenzeka." Uyabo, ufanele ukholwe. Kulungile.

208 Ngifuna ukuzama ukukholwa kwakho. Uma ngingakutshelanga noma yini ebi . . . Uma ngikutshele ukuthi uphulukisiwe, uhlezi lapho esihlalweni, ubuyokukholwa na? Kulungile. Qhubeka, qhubeka unqamule emsamo wenze indlela yakho.

209 Wena, nenekazi, ohlezi lapho neduku liphezu komlomo wakho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubengakuphulukisela leyomithambo eyimiqhansa na? Uyakukholwa na? Ubukhuleka

ngakho, ubungenjalo na? Kunjalo. Uma ukukholwa, ungaba nakho okucelayo. Kholwa nje.

210 Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu ingakusindisa, nenekazi na? Uyakholwa ukuthi Ibiyokwenza na?

211 Ucabangani ngalowomfutho wegazi ophakeme, uhlezi khona lapho nesandla sakho siphakamele esilevini sakho na? Ucabanga ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Nenekazi, uyakholwa ukuthi kuzokwenza yonke inhliziyo yakho na?

212 Kuthiwani ngawe lapho naleyonkathazo yesinye, uhlezi eceleni kwakhe ngqo na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa enkathazweni yakho yesinye, nenekazi na? Likugejile, kodwa unakho. Kulungile. Sukuma ume ngezinyawo zakho, inenekazi eliselincane lapho nezinwele eziphunguliwe, lihlezi lapho, khona lapha lingibuka ngqo, ngqo . . . Yebo, yebo, mnumzane. Phakamisani izandla zenu manje futhi memukele uKristu, ningaphila. Amen.

213 Wena futhi, hamba ngendlela yakho uthokoza, uthi "NgiyaKubonga, Nkosi." Inkathazo yabesifazane isikushiyile.

Ake sithi, "Mayibongwe iNkosi."

214 Nenekazi, ubungathanda ukudla futhi njengoba wawuvame ukudla, inkathazo endala yesisu isihambile, yonke into, iyakusindisa na? Hamba ngendlela yakho ujabule, futhi uqhubeke, udle, uphile nje. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

215 Kulungile. Woza. Okwakho yinkathazo yokwethuka, yaqala njengenkathazo yesisu, futhi. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaya ekhaya, uthokoze, uphile. Uyakukholwa na? Kulungile.

Ake sithi, "Ayibongwe iNkosi."

(Uthini? Kulungile. Akunandaba manje, lokho kulungile. Niyabo? Kulungile. Letha inenekazi elilandelayo. Ngiyabonga.)

216 Leyonhliziyo izoshaya isikhathi eside uma nje uzokukholwa. Yisimo sokwethuka sibangela ukuncisheka umoya, ikakhulukazi lapho ulala phansi. Ngempela akusiyo inkathazo yenhliziyo, yigesi esiswini sakho ecindezela inhliziyo yakho. Manje qhubeka, khohlwa yikho, futhi uphile. UNkulunkulu waseZulwini uyakusindisa.

217 Woza. Letha inenekazi.

218 Uyakholwa, nenekazi, ngayo yonke inhliziyo yakho na? Khona-ke qhubeka, inkathazo yakho yeqolo ikushiyile, futhi ungaqhubeka unqamule emsamo, uphiliswe, eGameni leNkosi uJesu.

"Uma ukholwa!"

219 Ubunento efanayo. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje uNkulunkulu ukuphilisile na? Qhubeka ngqo unqamule emsamo, uthokoza, futhi ujabule.

Kulungile, letha inenekazi.

220 Lesosimo segazi, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubeyokuphulukisa lokho, lesosifo sikashukela na? Qhubeka unqamule emsamo, uthokoze, futhi uphiliswe.

221 Yenza okufanayo, nenekazi, ubunento efanayo, qhubeka nje unqamule. Unga . . . Kholwa, ungangabazi nje engqondweni yakho, qhubeka nje ukholwe ukuthi kuzokushiya.

222 Bangaki kulezizethameli abanelisekile ukuthi uJesu Kristu uyaphila kulobubusuku, wavuka kwabafileyo, futhi uyaphila na? Ingabe nenelisekile na? Niyakholwa ukuthi Uyaphila manje na? Niyakholwa ukuthi Ulapha ukunisindisa na? Niyakholwa ukuthi iZwi laKhe, "Izinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza," niyakukholwa lokho na? Khona-ke Washo lokhu: "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Bangaki ongamakholwa na? "Bayobeka izandla zabo phezu kwabagulayo, futhi bayosinda."

223 Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, akunandaba ukuthi inkathazo yakho iyini, khulekela ohlezi eceleni kwakho, ngamunye khulekela ngamunye ohlezi eduze kwakho ngenkathi ngisakhuleka.

224 Nkosi Nkulunkulu, Wena buka lokhu, lona nguMoya waKho. Banelisekile, Nkosi, leliqembu elincane labantu liyazi ukuthi Uyaphila kulobubusuku. Futhi siphosela inselelo udeveli, usedaluliwe.

225 Futhi, eGameni likaJesu Kristu, Sathane, phuma lapha! Ungeke usababamba. Phuma, eGameni likaJesu Kristu, futhi kwangathi abantu bangaphiliswa ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu!

58-0223 UJesu Kristu NguYena Izolo, Namuhla, NaPhakade
EMemorial Auditorium
EChattanooga, ETennessee E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org